## UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU

Kuyothi kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

## ISITATIMENDE SEZINHLOSO

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

## IZIMISO EZINQALA

Ukuveza obala • Izibophezelo • Ukubonisana • Ukuzibophezela nokwethembeka



# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela Omhleli | 04 |
| Amazwi Okwandulela kaMeya | 05 |
| Amazwi Okwandulela kaMeneja kaMasipala | 07 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu Omkhulu | 08 |
| UMasipala weSifunda iHarry Gwala usimamisa Amanzi Asezingeni Elihle | 10 |
| Isabelomali sonyakamali wezi-2023/24: IMeya iyaziqhenya ngaso | 11 |
| IMarathon yeSifunda iHarry Gwala ngowezi-2023 | 15 |
| UMeya Wesifunda iHarry Gwala District uhlonishwe ngesikhathi kwethulwa amahhovisi amasha eBuhlebezwe | 18 |
| UMeya ugcizelela ubumqoka bemibukiso yoHlelo Lwentuthuko Oludidiyelayo (IDP) | 20 |
| ISithangami Sabaxhumanisi beSifunda iHarry Gwala samukela ilungu elisha | 22 |
| ISifunda iHarry Gwala sisingathe umhlangano we-EPWP | 23 |
| Izipho zohlelo lwentuthuko yamabhizinisi amancane eSifundeni iHarry Gwala | 24 |
| UMeya uNxumalo wethulela isigqoko ubuholi bukazwelonke ekubekeni eqhulwini koMasipala Bezindawo Zasemakhaya | 25 |
| IZindleko Zezibonelelo ZikaMasipala | 26 |
| IHhovisi Elingumahambanendlwana Lentsha | 27 |
| Inhloso yokuqaphela umlilo emsebenzini | 28 |
| Isakhiwo uMkhandlu Wentsha sibeka eqhulwini intuthuko yentsha | 29 |
| Ukuqeda imikhuba emibi enhlalweni | 30 |
| UMhlangano Wokubonisana Wokulawuala Izinhlekele WaMakhosi | 31 |
| UPphathiswa ukhoza uhlabe ikhwelo ezakhamuzini zasemzimkhulu ukuba zime noHulumeni | 32 |
| ISifunda Sivalelisa uMeneja Obephethe | 33 |
| UKwethulwa kweMarathoni iHarry Gwala District kwabezindaba | 34 |

AMAZWI OKWANDULELA OMHLELI

# Sinxusa zonke izakhamuzi zaseNingizimu Afrika ukuba zibhalisele ukuvota ukuze zikwazi ukuba yigxenye yokhetho lukazwelonke ngowezi-2024



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

SIYANEMUKELA futhi oshicillweleni lwethu. Lolu ushicilelo lokugcina kunyakamali wezi-2022/ 23. Siyabonga ukuba nibe yingxenye yethu kusukela ekuqaleni kwalo nyakamali njengoba ushicilelo lwethu lunguyangantathu. Leli bhukwanambiko liyinkundla esetshenziselwa ukubika kinina ngokuqhubekayo kumasipala wethu mayelana nokulethwa kwezinsizakalo.

Siyajabula ukubika ukuthi sibe nezingxoxo ezibe yimpumelelo nani njengabababambe iqhaza kusetshenziswa imibukiso yoHlelo Lwentuthuko Oludidiyelayo (IDP) ngokugunyazwa ngumthetho. ISahluko 4, iSigaba 16(A) soMthetho Wezinhlelo Zomasipal KuHulumeni Wendawo uNombolo 32 wezi-2000 uhlinzeka lokhu "umasipala kufanele wakhe isiko lokubusa kukamasipala elengeza ekumelweni kukahulumeni ngohlelo oluwumbuso ozibandakanyayo futhi liyisidingo ekufezeni lokhu libuye lakhe izimo lapho umphakathi wendawo ubamba iqhaza ezindabeni zikamasipala kubandakanya amalungiselelo, ukufezekisa kanye nokubuyekeza uhlelo lwentuthuthuko oludidiyelayo".

Ukuze sihambisane nalo mthetho sihlangayele nomasipala esisebenzisana nabo sabuye sabonisana nabo bonke ababambe iqhaza kubandakanya abaholi bomdabu. Kulezi zinkundla sikwazile ukuhlola umthelela wokuletha izinsizakalo esizenzile kanye nalezo zinsizakalo okusamele sizifeze. Ekuxoxisanenei kwethu kokugcina nemiphakathi yethu ngaphambi kokuba umkhandlu kamasipala wamukele isabelomali esasikhombisa ukuqonga ekuxoxisaneni nezakhamuzi okuyikhona esikulubalelayo.

Ukwenza izinto obala nokuzibophezela ekuphenduleni kuyinqubomgomo yethu enqala kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala. Ukubamba umhlangano womkhandlu ovulelekile kuMasipala iKokstad mhla zingama-30 kuNhlaba kuwubufakazi balokho. Sethemba ukuthi isabelomali esamukelwe esidlangaleni sizokwazi ukumelana nezinselelo zokuhhlinzeka izinsizakalo emiphakathini yethu. Sincoma kakhulu umphakathi waseKokstad ngokuba yingxenye yomkhandlu owamukele isabelomali sonyakamali wezi-2023/24. Njengoba nisazi isigunyazo sethu esinqala ukuthi amanzi nenhlanzeko; nokho, singena shi nakwezemidlalo osekuholele ukuba sisebenzisane nale minyango efanele Kanye nomasipala abangaphansi kwethu ukuze sihlinzeke izinsizakalo.

Sisanda kuba nemarathoni yama-42 km ebe yimpumelelo egijinywa phakathi komasipala uMzimkhulu noBuhlebezwe ngokunikezelana. IHarry Gwala Marathon yeshiyagalombili ibinabo bonke abagigjimi baseNingizimu Afrika nabakwamanye amazwe. Sibonga kakhulu ukwesekwa yimiphakathi yalaba omasipala. Ukwesekwa yimiphakathi kuhamaba ibanga elide kube ngaphezu kwezemidlalo njengoba sibona umoya omuhle uheleza ezimbizweni zikahulumeni. NgoNdasa wezi-2023 uMnyango Wezamandla Nezimbiwa wasingatha imbizo ngezimbiwa eMadungeni kuMasipala Wendawo uBuhlebezwe. Abatheleka ngezinkani bafika ngobuningi babo ukuzothamela umcimbi osekwenze sabukeka njengohulumeni wabantu.

Ngiphetha ngokunxusa zonke izakhamuzi zaseNingizimu Afrika ikakhulukazi lezo zesifunda iHarry Gwala ukuba zibhalisele ukuvota ukuze zikwazi ukubamba iqhaza okhethweni lukazwelonke lwangowezi-2024 futhi kuvele umbono womphakathi.



**UNKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOLUNTU (PRO)

**UMNU ULINDOKUHLE CHILIZA**
UMQONDISI OMNCANE: UMDIDIYELI KWEZOKUXHUMANA NGOKWENDAWO (GCIS)

**UNKSZ UFEZILE MNGONYAMA**
ITHWASA KWEZOKUXHUMANA

ISANDULELO SEMEYA

# Sibungaza Usuku Lwentsha

NGIBINGELELA umphakathi weSifunda iHarry Gwala District! Phezulu eqhulwini angibongele intsha yeSifunda ekwaziyo ukuthi ihlala ikhumbula futhi ikhathalele uSuku olubalulekile ngokuba nezinhlelo zemfundo ezihambisana nempokophelelo yokulwa nokungaziphathi kahle emphakathini lapho sikhuthaza khona njalo intsha ukuba iyeke ukuhlala isemathaveni ibhukuda esizibeni sophuzo olunamandla njengoba lokho kunesivuno esibi Kanye nemiphumela edangalisayo lapho abantu begwazana baze bafe bedakiwe.

Kufanele sikhumbule njalo ukuthi lisho ukuthini lolu suku nokwenzeka mhla zili-16 kuNhlangulana ngowe-1976. USuku Lwentsha lusho lukhulu kule demokhrasi esiyithokozelayo sonke namhlanje yize kusafanele sifezekise lokho okwakuqagulwa yiFreedom Charter. Nokho asikho kude kahulu nakho. Sizuze okuningi okuqoshwe kuyo iFreedom Charter; ngaphezu kwalokho njengezwe sisondele ezimisenizempi eyayiliwa yintsha yowe-1976.

Okusenqoka futhi njalo ukuba sikhumbule ukuthi udaba lomhlaba kubantu nasemnothweni wezwe akufanele lube sezandleni zaba yingcosana kodwa kwezawo wonke umuntu ophila kuwona okufanele ngaso sonke isikhathi kube yinto echaza ukukhululeka kwethu.

USuku Lwentsha yilanga elisemqoka ezweni lethu njengoba kuwusuku lapho intsha yeminyanyaka edlule eyayikhishwe inyumbazana eyashaya phansi ngonyawo iphikisa ububi bobandlululo befuna imfundo esezingeni eayayinsika namanje okuseyiyona insika esemqoka eqonde empumelelweni yomuntu.

Asivuseleleni umoya wentsha yangomhla zili-16 kuNhlangulana wezi-1976 ngokuthatha isibindi sayo bese sicija ukujubalala kwentsha yanamuhla ngokuthi siyikhuthaze futhi siyilekelele ukuba ibe nenqubekela phambili ngokwemicabango nokuthi ibe nemibono hhayi kuphela engazuzwa kodwa futhi okufanele inikele oguqukweni lwakade emiphakathini yethu.

Ngalokhu ngithi akufanele neze sikhohlwe imijuluko, izinyembezi negazi lentsha eyayilwa elagobhoza ezitaladini zase-Orlando eSoweto lapho izigagayigayi ezifana noTsietsi Mashinini, uHector Peterson, uSeth Mazibuko, uMbuyisa Makhubo nezinye eziningi zabulawa ngesihluku zilwela ilungela lokuba nohlelo lwemfundo ethuthukile futhi eseqophelweni eliphezulu.

Itsha yethu yanamuhla inezinselelo zayo futhi kufanele izinqobe. Awukho umzabalazo owake waliwa wabuye wanqontshwa ingekho intsha.



**UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo**

**Sisanda kuqalisa ngokwakhiwa koMkhandlu Wentsha esikholelwa ukuthi uzoba yinqola nesikhiye sokuvula iminyango yekusasa entsheni nokwakheka kwemisebenzi nokuthuthuka kwentsha.**

Namhlanje ngiyajabula ukumemezela ukuthi njengoMasipala Wesifunda iHarry Gwala sicaba indlela ukuvula yonke imigudu ukuze kuhlomule intsha yeSifunda futhi asifuni ukuthi ihlomule kuphela kodwa ilawule ikusasa layo.

Sisanda kuqalisa ngokwakhiwa koMkhandlu Wentsha esikholelwa ukuthi uzoba yinqola nesikhiye sokuvula iminyango yekusasa entsheni nokwakheka kwemisebenzi nokuthuthuka kwentsha.




**IZIMEYA ZESIFUNDA (kusuka kwesokunxele kuya kwesokudla) uMeya uKhansela u-E.B Ngubo, uMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo, uMeya waseMzimkhulu uKhansela uJ. Msiya, uMeya waseGreater Kokstad uKhansela uL. Madikizela bemukela umahambanendlwana omusha wentsha ozolekelela intsha yeSifunda.**

Ukuze zihambisane nalokhu sisanda kuba neHhovisi Lentsha Eliwumahambanendlwana elizozungeza onke amagumbi eSifundazwe kuxazululwa izinselelo ezibhekene nentsha eziyizithiyo enqubekeleni phambili yentsha nasemathubeni okusungula amabhizinisi.

Sesibeke eceleni isabelomali esizoqondana neNtuthuko Yentsha. Siyaqhubeka nokuyibeka phambili intsha ngokusebenzisa izinhlelo zikahulumeni. Siba neZingqingqutela Zentsha zeSifundazwe lapho iqeqeshwa khona intsha ezintweni eziningi zebhizinisi futhi kwakhiwe namathuba emisebenzi.

## UMasipala uBuhlebezwe uvula amahhovisi amasha: Kuhlonishwe ababe yiZimeya

Kube wukuhlonipheka okungandile ukuba yingxenye yokwethulwa kwamahhovisi amasha kaMasipala Wendawo uBuhlebezwe, okungomunye woMasipala beSifunda sethu.

Kunezikhathi ezimbalwa ezifana nalezi empilweni yomuntu lapho umuntu enconywa abuye ahluswe kuleliya zinga. Kube wukuhlonipheka kwangempela nengoba uMasipala uholwa uMhlonishwa uMeya uKhansela u-EB Ngubo ohloniphe iZimeya ezibe khona phambilini kuMasipala wakhe, name njengeMeya eyadonsa isikhathi eside ngibaliwe kulabo abanikela ezinguqukweni ezaba khona kusukela kuqala uhulumeni wendawo ngokwesakhiwo esikhona manje. Lokhu kwakungesikhathi uMphathiswa owayehola uMnyango Wezokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZoMdabu iLunga LePhalamende uBongi uMaSithole Moloi.

Okwethu wukuba silethe izidingo zentuthuko kubantu bethu futhi sizoqhubeka siphokophela lapho sisanikwe ithuba yinhlangano.

## Amaphrojekthi Aletha Izinguquko

Ngesikhathi kwethulwa isabelomali sonyakamali wezi-2023/24, ngaphawula ngathi uMasipala wethu uyaziqhenya ngokuba wabele imali iKempsdale. Iphrojekthi isiqalile lapho ucwaningo ngokungenzeka kuqhubeka ukuqinisekisa ukuthi iKokstad ihlinzeka ngokuphazamiseki amanzi eminyakeni eminingi ezayo.

Leli damu lizolekelela iKokstad ngezikhathi zesomiso ngenhloso futhi yokusimamisa umnotho walelo dolobha ngokuqinisekisa ukuthi izinhlelo zethu zimi ngomumo ukuqinisa indawo njengesizinda sabatshalimali abangasikhetha ukuze baheheke ekuqhubekeni nezinhlelo zokutshala izimali.

Enye yamaphrojekthi aletha izinguquko esiyihlelele unyakamali wezi-2023/24 iphrojekthi entsha yokuphehla amandla kagesi ngokusebenzisa amanzi, okuyimanje kuyaqhubeka. Le phrojekthi izokwethula umthwalo kubantu baseHarry Gwala mayelana nokuthuthukiswa kokusatshalaliswa kukagesi ikakhulukazi ngezikhathi zokucima kukagesi.

Ngonyakamali wezi-2023/2024 sizoqhubeka nentshisekelo yethu yokuthuthukisa impilo yabantu bethu.

# Okwethu njengabaphathi ukuba sisebenzise izinhlelo namaphrojekthi okucelwe yimiphakathi kusebenze



**Mr Gamakulu Ma-Art Sineke**
Municipal Manager

NGESIKHATHI ushicilelo lokugcina lwebhukwanambiko likaMasipala Wesifunda iHarry Gwala liphuma ukuba lifundwe ngumphakathi, unyakamali wezi-2023/2024 uyobe ususebenza ngokugcwele futhi iSifunda sethu siyobe sesiphothula izindlela zokusebenzisa iznhlelo namaphrojekthi koMasipala Bendawo kuso iSifunda sethu.

Ukwakhiwa kwesabelomali sonyakamali wezi-2023/2024 kusiholele ekutheni sisingathe umhlangano womkhandlu ovulelekile kuMasipala Wendawo iGreater Kokstad lapho uMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala (HGDM) uKhansela uZD Nxumalo njengoba elawulwa yimithetho; uMthethosisekelo woMbuso wethu, uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala (iMFMA), uMthetho Wezinhlelo Zomasipala kanye nezimemezelo ezivela kuwo uMnyango Wezezimali Namagugu kuZwelonke naseSifundazweni; isabelomali sadingidwa nomphakathi futhi isabelomali savunyelwa ukuba sisebenze kunyakamali wezi-2023/2024.

Okwethu njengabaphathi ukuba sisebenzise izinhlelo namaphrojekthi okucelwe yimiphakathi kusebenze futhi uphiko lukaMasipala lwezepolitiki, aMakhansela, ngokusebenzisa amakomiti abhekelelayo, iKomiti Eliphethe noMkhandlu bazoqapha inqubekelaphambili ngesikhathi benza umsebenzi wokubheka ukusebenza kwezinto. UMasipala Wesifunda iHarry Gwala uhlelele iminyakamali emithathu ezayo ukwabela ngokwesikhwama sangaphakathi izi-R28 557 130, izi-R14 080 571 nezi-R15 027 917 ngokulandelana kweminyaka.

Isabelo sesisonke semisebenzingqangi eyisigunyazo okufanele yenzekile kubo bonke oMasipala Bendawo ngaphansi kukaMasipala Wesifunda iHarry Gwala (HGDM) simi kanje:

- izi-R306 141 142 ngonyakamali wezi-2023/2024,
- izi-R324 553 646 ngonyakamali wezi-2024/2025,
- izi-R325 278 458 ngonyakamali wezi-2025/2026.

Okwethulwe ngezansi izakhiwo ezibalulekile ezethulwe ngesabelomali sonyakamali wezi-2023/2024 eziyizinsika zokuthi sikwazi ukuhlinzeka izinsizakalo.

**Ingenisomali Ngokomthombo**

- Ingensomali elavunyelwa okokuqala lesabelomali sonyakamali wezi-2022/23 kwaba yizigidi ezingama-R875.
- Ingenisomali elididiyelwe langowezi-2023/2024 libekwe laba yigidi ezingama-R927, 3.

**Izindleko Zemali Yokusebenza**

Isabelomali semali yokusebenza esiyizigidi ezingama-R306,1 sabelwe unyakamali wezi-2023/24 esikhule ngama-4% uma kuqhathaniswa neSabelomali Esihlelembiwe sangowezi-2022/23. Ukwenyuka kungexa yokwenyuka kwezibonelelo okuqoshwe equlwini kahulumeni wonyakamali wezi-2023/24 futhi lokhu kuzoba nomthelela omuhle ekuhlinzekweni kwezinsizakalo futhi kuzokwehlisa ukusalela emuva kokuhlinzekwa ngamanzi nenhlanzeko kuso iSifunda. Uhlelo lwemali yomsebenzi lunyuke kusuka ezigidini ezingama-R295,3 kuya kwezingama-R306,1 ngonyakamali wezi-2023/24 yaya ezigidini ezingama-R314,5 ngonyakamali wezi-2024/25 yabuye yenyuka ngonykamali wezi-2025/26 yaba yizigidi ezingama-R315,2. Isabelomali semali yokusebenza sixhaswa kakhulu iZibonelelo ZikaHulumeni kanye nokuxhswa kuMTREF.

Kuzo zonke iziebenzi zikaMasipala Wesifunda iHarry Gwala, kusuka kuBaqondisi kuya emazingeni aphansi, kufanele sisebenze ngokuphuthuma, akufanele sikhathale, akufanele sikhathale kunalokho kufanele sizimisele futhi sinqobe. Umsebenzi wethu usemqoka ukuze iSifunda sethu sikhule futhi sithuthuke.

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**UMNU UKHULANI MTHEMBENI BRIAN MZIMELA**
ISikhulu Esiphezulu Sezezimali




**UNKS UNTOMBIFUTHI NOMVUSELELO FORTUNATE BUTHELEZI**
Ezenhlalakahle Nezokuhlela Intuthuko



**UMNU UNKULULEKO BIYASE**
Izinsizakalo Zengqalasizinda / uMqondisi Obambile: Izinsizakalo Zamanzi



**UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA**
Ezabasebenzi



**UBUMQOKA BEZINGA ELIHLE LAMANZI**

Izinga elihle lamanzi lisemqoka ngoba liqinisekisa ukuthi abasebenzisi bawo bazohlala bephilile futhi besebenza kahle uma amazinga amanzi ahlale esemgqeni.

# UMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA USIMAMISA

# Amanzi Asezingeni Elihle

ENINGIZIMU Afrika, ukuphatha nokulawula izinga elihle lamanzi okuphuza kubuswa inqubomgomo nemitheshwana esuselwa amazingeni omhlaba. Uphiko lwezinsizakala zamanzi iWSA, okungomasipalabezifunda, kudingeka ukuba bahlale baletha ulwazi mayelana nezinga elihle lamanzi kanye nokuphathwa kwawo kuNational Blue Drop System (BDS) manje eseyaziwa nge-IRIS. Kusukela ngowezi-2009, sekuqale ukuthi omasipala abaningi bakhombise ukuthuthuka mayelana nokuphathwa kwezinga elihle lamanzi kanti komasipala bezindawo zasemakhaya nakulabo abangenazo izinsiza ezanele besasilele ngemuva. Okukhathaza kakhulu ngukuthi omasipala bezindawo zasemakhaya bayehluleka ukubika ngolwazi oludingakalayo futhi abahambisani nezinyo izidingo zokulawula okuyikhona okuhambisana nokulawulwa jikelele kwezinga elihle lamamzi kunezinga luqobo lwalo lamanzi. Lokhu kusho ukuthi izinga lamanzi laseHGDM ngeke likwazi ukwahlulelwa kusetshenziswa iBlue Drop ngoba iBlue Drop iyinhlanganisela yokuningi yokuphathwa kwezinga lamanzi.

Izinga elihle lamanzi aphuzekayo lisemqoka kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala,ngakhoke inhlangano izama ukuqinisekisa ukuthi izinga lamanzi aphuzekayo akhiqizwayo aphephile ukuba angasetshenziswa ngabantu. Ukuze kuzuzwe lokhu uMasipala Wesifunda iHarry Gwala ngamandla awo okuba agunyazwe ukuhlinzeka amanzi wenza isiqiniseko sokuthi zonke izizinda zokuhlanza amanzi ezingaphansi kwawo zihlala zisesimweni esihle futhi usebenzise izinhlelo ezingenelelayo kanye nezindlela zokuphatha izigameko eziqondana ngqo nesizinda thizeni nalokho okuphontshayo. Lokhu kubandakanya ukubala okuqhubeka kwemisebenzi yokuhlanzwa kwamanzi minyaka yonke okuyikhona okuhlola ukusebenza kwaleso naleso sizinda esihlamba amanzi. Uhlelo olulawula okungaba nobungozi kwenziwa ngezinhlelo zokuphepha kwamanzi. Uhlelo olulawula okungaba nobungozi okwesizinda ngqo futhi kucacisa ngezihloli zezinga lamanzi okudingeka ukuba aholwe futhi ahlaziywe nsuku zonke futhi nyanga zonke kuqinisekiswe ukuthi amanzi ahlinzekwayo akulungele ukusetshenziswa ngabantu.

Onke amasampula amanzi aphuzekayo nokuhlaziywa kwawo kwenziwa ngokohlelo olulawulayo oluqinisekisiwe futhi lwagunyazwa izindlela zaselabhorathri. Izindlela zokulungisa zenziwa uma imiphumela yokuhlaziywa kwamanzi ingafinyeleli ezingeni elilindelekile. Ukusebenzisa amanzi anamagciwane kungabanga izifo ezihambisana ngesisu kanye nezifo zamathumbu ikakhulukazi ezinganeni. UMasipala Wesifunda iHarry Gwala uhlose ukuhlinzeka ngohlaziyo olubanzi lwezinga lamanzi esifundzweni.

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala awubeki eqhulwini kuphela uhlelo lokusabalalisa amanzi olukhulu lwezinga lamanzi kodwa futhi nokubeka eqhulwini izinhlelo zezindawo zasemakhaya, amapitsi neziphethu. Amapitsi ambiwa ukuze imiphakathi ithole amanzi, ngokunjalo ukwela noma ukubulala amagciwane kuyenziwa kuye ngokuthi imiphumela yezinga lamanzi linjani njengoba ehlaziywa abavunyelwe. Mayelana namanzi eziphethu lapho kunesidingo khona kubulawa amagciwane, umasipala owenza lolu hlelo.



**UMeya uZ.D Nxumalo ekhuluma nomphakathi kuvulwa umkhandlu obekuseKokstad. Izikhulu, iZimeneja kanye nomphakathi ogcwele ihholo emhlangaweni ovulelekile womkhandlu**

# Isabelomali sonyakamali wezi-2023/24: IMeya iyaziqhenya ngaso

**UMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo uncome uMasipala wakhe mayelana nesabelomali sonyakamali wezi-2023/24 esicela esigidigidini samarandi, asibize ngokuthi "isixazululo sezinselelo zabantu".**

UMEYA Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uNxumalo Wesifunda usethe isabelomali sonyakamali wezi-2023/24 "isixazululo sezinselelo" zabantu kuso iSifundazwe njengoba sibhekana nezinselelo zamanzi nenhlanzeko esifundeni.

UKhansela uNxumalo uthe ngesikhathi ethula isabelomali esiyisamba esiyizigidi ezingama-R909,6 sonyakamali wezi-2023/24, sethulwe ngaphandle kokuphikiswa emalangeni oMkhandlu.

UMasipala wethule isabelomali eKokstad eBhongweni Youth Centre ngoLwesibili (zingama-30 kuNhlaba 2023), ngaphansi kokuzungeziswa kokwethulwa kwesabelomali okusanda kuqaliswa kubo bonke omasipala abangphansi kwesifunda uma kwethulwa iaselomali seSifunda njengengxenye yokuqinisa ubudlelwano kuhulumeni esifundeni.

Isabelomali kufanele sisize abantu abangaphezu kwezinkulungwane ezingama-554 kuso sonke iSifunda kubalwa nomphakathi waselokishini iHorseshoe eKokstad okunesizathu esikhulu sokuthi bamamatheke njengoba kunezindaba ezinhle zokuthi amathoyilethi omgodi azoqedwa besekufakwa ahanjiswa ngamanzi.

Ngaphezu kwalokho uMeya Wesifunda uKhansela uZD Nxumalo uthe uyaziqhenya ngoMasipla wakhe ukuba ubuye wabele izimali iphrojekthi yedamu iKempsdale kunyakamali olandelayo. UMeya uthe iphrojekthi isiveli iqalile kwenziwa nocwaningo oluvivinyayo ukuqinisekisa ukuthi iKokstad inamnzi anganqamuki iminyaka emining ezayo.

Leli damu lizolekelela iKokstad ngezikhathi zesomiso ngenhloso yokuthuthukisa umnotho wedolobha ngokumema abatshalimali ukuba beze bazotshala izimali zabo baqale amabhizinisi ngaphandle kokwesaba isomiso njengoba idolobha lingumongo wezomnotho kuso iSifunda futhi likhulu ngokushesha.

UKhansela uNxumalo uveze ukuthi enye iphrojekthi yokuphehla amandla kagesi ngamanzi isiqaliwe okuzokwehlisa umthwalo ezakhamuzini kanti ugesi ovela kwa-Eskom untekenteke. UKhansela uNxumalo unxuse imiphakathi ukuba isebenzise ugesi ngokuwonga.

Ingxenye enkulu yesabelomali esiyizigidi ezingama-R494.2 esokuqhuba imisebenzi yeSifunda, kwathi izigidi ezingama-R321.3 zabelwe izibonelelo

zobuchwepheshe kanye nokuxhasa.

Imali eqoqwa nguMasipala iyizigidi ezingama-R94,1, kubalwa uhulumeni namabhizinisi endawo.

Isabelomali sesisonke esifaka nesabelo seHarry Gwala District Agency siba yizigidi ezingama-R927,3 lapho uMasipala enesabelo esingenambandela esiyizigidi ezingama-R463,631.

ISibonelelo Sengqalasizinda SikaMasipala siyizigidi ezingama-R235.7 kuthi iSibonelelo Sengqalasizinda Yamanzi sibe yizigidi ezili-R100.

## Okulandelayo okwethulwe lapha izakhiwo ezisemqoka zesabelomali sezi-2023/2024 esethuliwe

**Ingenisomali Ngokwemithombo**
Ingenisomali lokuqala elavunywa lesabelomali sowezi-2022/23 saba yizigidi ezingama-R875. Ingenisomali elilungisiwe lowezi-2023/24 liyizigidi ezingama-R927,3. Ingenisomali selilonke elilungisiwe likamasipala lenyuke ngama-6% noma ngezigidi ezingama-R52,3 kunyakamali wezi-2023/24 uma kuqhathaniswa neSabelomali Esihlelembiwe sowezi-2022/23. Eminyakeni emibili eyedlule ingenisomali lokusebenza lenyuke ngama-7% nangama-3% ngokulandelana, okuwukukhula ngezigidi ezili-R101,3 ngokoHlaka Lwengenisomali Nezindleko Kwesikhathi Esingeside (MTREF) uma kuqhathaniswa nonyakamali wezi-2022/23.

| UMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA – INGENISOMALI NGEVOTI KAMASIPALA | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Incazelo Ngevoti | Nonyaka 2022/23 | | | iMTREF yowezi-2023/24 | | |
| R ngezinkulungwane | Isabeloma-li Sokuqala | Isabelomali Esihlelem-biwe | Uqagulo Lonyaka Wonke | Isabelomali sowezi-2023/24 | Isabelomali +1 unyaka 2024/25 | Isabelomali +2 iminyaka 2025/26 |
| **Ingenisomali Ngokwevoti** | | | | | | |
| iVoti 03 – iQoqa Lesabelomali neHhovisi Lezimali Zombuso | 438 660 | 441 238 | 441 238 | 470 822 | 501 597 | 529 351 |
| iVoti 04 – iQoqa Lezemisebenzi Kamasipala | - | 245 | 245 | 372 | - | - |
| iVoti 05 – iQoqa Lezinsizakalo Zenhlalo Nokuhlelela Intuthuko | 17 180 | 17 009 | 17 009 | 17 654 | 18 675 | 19 757 |
| iVoti 06 – iQoqa Lezinsizakalo Ngengqalasizinda | 337 554 | 335 869 | 335 869 | 354 861 | 386 489 | 387 736 |
| Vote 07 – iQoqa Lezinsizakalo Ngamanzi | 72 370 | 80 651 | 80 651 | 83 613 | 87 710 | 91 832 |
| **iSamba Sengenisomali ngeVoti** | **865 764** | **875 012** | **875 012** | **927 322** | **994 470** | **1 028 676** |

**Izindleko zokusebenza ngokwevoti nangokohlobo**
Isamba sesisonke sezindleko zokusebenza sonyakamali wezi-2023/24 siyizigidi ezingama-R684,1. Uma kuqhathaniswa neSabelomali Esihlelembiwe sowezi-2022/23 senyuke ngama-7% noma ngezigidi ezingama-R45,9 esabalwenimali sowezi-2023/24. Ukushoda kwemali yokusebenza ngowezi-2023/24 kunyuke kusuka ezigidini ezingama-R81,3 ngowezi- 2022/23 kwaya ezigidini ezili-R107,7 ngowezi-2023/24 futhi yenyuka eminyakeni emibili ezayo. Inani lezimpahla ezindesiwo ukheshi ezehlelwa ubunani bazo ngonyakamali wezi-2023/24 zibiza izigidi ezingama-R96,2 futhi ukuhlinzekela izikweletu ezingakhokheleki nezisulwayo kuyizigidi ezingama-R58,7. Uma uMasipala ukhipha izipahla ezingesiwo ukheshi kweva ngezigidi ezingama-R55,6. Imali ehambisana nokukhokhelwa kwezisebenzi ngonyakamali wezi-2023/24 iyizigidi ezingama-R250,2 kuthi ukuholela amakhansela kube yizigidi eziyisi-R8,1 ngonyakamali wezi-2023/24 nezigidi eziyisiR6 yeDevelopment Agency futhi kuhambisana nesivumelwano esasiyinwa umqashi nezisebenzi. Ukukhula kwamaholo kungama-5.3% ngokokubala okuhambisana nokwenyuka kwamanani eCPI okuqoshwe kusekhula 123 yomthetho wokuphathwa kwezimali komasipala iMFMA.

| Incazelo ngeVoti | Nonyaka 2022/23 | | | iMTREF yowezi-2023/24 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| R izinkulungwane | Isabelomali Sokuqala | Isabelomali esihlelen-jiwe | Uqagulo lonyaka Wonke | Isabelomali sowezi-2023/24 | Isabelomali +1 unyaka 2024/25 | Isabelomali +2 iminyaka 2025/26 |
| **Izindleko ngeVoti lokulungisa** | | | | | | |
| IVoti 01 – iQoqa LoMkhandlu | 18 963 | 19 787 | 19 787 | 19 937 | 20 902 | 21 851 |
| iVoti 02 – iQoqa LeMeneja KaMasipala | 23 904 | 22 953 | 22 953 | 22 917 | 24 020 | 25 142 |
| iVoti 03 - iQoqa Lesabelomali neHhovisi Lezimali Zombuso | 83 148 | 86 578 | 86 578 | 90 559 | 94 872 | 99 417 |
| iVoti 04 - iQoqa Lezemisebenzi Kamasipala | 91 438 | 89 852 | 89 852 | 86 586 | 90 296 | 94 491 |
| iVoti 05 - iQoqa Lezinsizakalo Zenhlalo Nokuhlelela Intuthuko | 72 345 | 69 988 | 69 988 | 75 394 | 79 255 | 83 207 |
| iVoti 07 - iQoqa Lezinsizakalo Ngamanzi | 109 944 | 111 077 | 111 077 | 128 353 | 126 996 | 133 000 |
| iVoti 06 - iQoqa Lezinsizakalo Ngengqalasizinda | 208 092 | 237 951 | 237 951 | 260 408 | 272 845 | 285 635 |
| **iSamba Sengenisomali ngeVoti** | **607 834** | **638 187** | **638 187** | **684 154** | **709 185** | **742 743** |
| **Esele/(Eshodayo) yonyaka** | **257 930** | **236 825** | **236 825** | **243 167** | **285 285** | **285 933** |










**Umkhandlu ogcwele uthathe isithombe emveni komhlangano obe yimpumelelo. IZimeneja nezikhulu ezivela kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala nazo ezathatha isithombe emveni komhlangano ovulelekile womkhandlu.**

**Imali Esebenzile**

Isabelomali sempahla eyizigidi ezingama-R306,1 sowezi-2023/24 seve ngama-4% uma kuqhathaniswa neSabelo Esihlelembayo sika-2022/23. Ukwenyuka kubangwe ukukhuphuka kwezibonelelo ezishicilelwe emqulwini konyakamali wezi-2023/24. Lokhu kuzoba nomthelela omuhle ekuhlinzekeni izinsizakalo Kanye nasekuxegiseni ukubambezeleka kokuhlinzekwa ngamanzi nenhlanzelo esifundeni. Uhlelo lwemali esebenzayi lunyuke kusuka ezigidini ezingama-R295,3 kuya kwezingama-R306,1 ngonyakamali wezi -2023/24 kwaba izigidi ezingama-R314,5 ngonyakamali wezi-2024/25 yabuye yanyka ngonyakamali wezi-2025/26 yaba izigidi ezingama-R 315,2. Isabelomali sezimpahla sixhaswa kakhulu imali evela kuzo iZibonelelo Nemizhaso Kahulumeni ngokulawula kweMTREF.

| UMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA – INGENISOMALI NGEVOTI KAMASIPALA | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Incazelo ngeVoti | Nonyaka 2022/23 | | | | iMTREF yezi-2023/24 | | |
| R izinkulungwane | Isabelo Sokuqala | Isabelo Esihlembiwe | Uqagulo Lonyaka Wonke | Umphumela Ngaphambi Kocwaningomabhuku | Unyaka Wesabelomali 2023/24 | Isabelomali +1 unyaka 2024/25 | Isabelomali +2 iminyaka 2025/26 |
| **Izindleko Zempahla - iVoti** | | | | | | | |
| **Izindleko zeminyakanyaka okufanele zihlelembelwe** | | | | | | | |
| iVoti 04 - iQoqa Lezemisebenzi Kamasipala | 9 902 | 8 605 | 8 605 | 839 | 9 641 | 5 922 | 6 200 |
| iVoti 05 - iQoqa Lezinsizakalo Zenhlalo Nokuhlelela Intuthuko | 4 064 | 2 709 | 2 709 | 439 | 2 267 | 2 648 | 3 058 |
| iVoti 06 - iQoqa Lezinsizakalo Ngengqalasizinda | 52 522 | 38 676 | 38 676 | 16 789 | 55 292 | 59 491 | 48 783 |
| iVoti 07 - iQoqa Lezinsizakalo Ngamanzi | 231 692 | 245 364 | 245 364 | 170 308 | 238 941 | 246 494 | 257 238 |
| iVoti 15 - Okunye | - | - | - | - | - | - | - |
| **Isanjana sezindleko zeminyakanyaka zempahla** | **298 180** | **295 354** | **295 354** | **188 375** | **306 141** | **314 554** | **315 278** |

## 1. IZINDLEKO ZEZIMPAHLA (iCAPEX)

**iThebula 3: Isabelomal Sezimpahla Ngokohlobo**

| INCAZELO | ISABELOMALI |
|---|---|
| Amanzi | R 209 142 990 |
| Inhlanzeko | R 68 441 022 |
| iHarry Gwala Development Agency | R 666 960 |
| Izimpahla Zamahhovisi, Amakhompyutha, Izimoto Zikamasipala Nokunye | R 27 890 170 |
| **ISAMBA** | **R 306 141 142** |

**ISABELOMALI SEZIMPAHLA SOKUGCINA SIKA-2023/2024**

Isamba sesabelomali sezimpahla siyizigidi ezingama-R 306,1. Le mali ivela ikakhulukazi kuso iSibonelelo Sengqalasizinda SikaMasipala nakuso iSibonelelo Sengqalasizinda Semisebenzi Yamanzi. Ngonyakamali wezi-2923/24 iRBIG ayabelwanga imali. Lesi sabelomali asiyfaki intela iVAT.

**Ukwabiwa kwenali yezimpahla koMasipala Bendawo**

| AMAPHROJEKTHI | ISABELOMALI | | |
|---|---|---|---|
| | **2023/2024** | **2024/2025** | **2025/2026** |
| eKokstad | R 29 566 864 | R 67 330 109 | R 43 290 709 |
| eNDZ | R 67 291 698 | R 103 093 439 | R 120 593 973 |
| eBuhlebezwe | R 61 549 991 | R 54 500 391 | R 40 200 782 |
| eMzimkhulu | R 119 175 459 | R 75 549 136 | R 96 165 077 |
| Ngaphakathi | R 28 557 130 | R 14 080 571 | R 15 027 917 |
| iDamu laseBulwer namaphethelo | R 0 | R 10 000 000 | R 10 000 000 |
| **ISAMBA** | **R 306 141 142** | **R 324 553 646** | **R 325 278 458** |







**IMeneja KaMasipala uMnu uG.M Sineke ehamba neMeya uKhansela uZ.D Nxumalo ukuqala izinqubo zokuvula umkhandlu. Umbala wosuku bekuezimnyama nezimhlophe kugqize ngokubovu, okwahlonishwa yiwo wonke umuntu.**

# IMARATHON YESIFUNDA IHARRY GWALA NGOWEZI-2023




**UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ibeneMarathoni ebe yimpumelelo ebingenelwe abagijimi ababalelwa ema-500.**

KUFEZEKE iphupho ngenkathi umgijimi ongumsinsi wokuzimilela kwiSifunda iHarry Gwala, elala indawo yesibili kulo mcintiswano walo nyaka njengoba ebegijima okokuqala ekhaya.

USinethemba Tshangase (24) waseMzimkhulu wamukelwe yiZimeya zomasipala beSifunda nomndeni wakhe lapho kuqedelwa khona ukuqijima ngeSonto zili-14 kuNhlaba wezi-2023, emveni komncintiswano webanga elingama-42.2km okhula ngokushesha KwaZulu-Natal.

Ebona umndeni wakhe nokuthi ulale isibili uTshangase kuqathake izinyembezi nenjabulo.

"Ngibonga wonke umuntu. Ngijabule kakhulu. Ngiyaqala ukugijima lapha ekhaya ngabuye ngalala isibili. Bengingacabangi ukuthi kungenzeka. Ngikhala ngoba ngijabule kakhulu ngibona umndeni wami nawo wonke umuntu engamukela ekupheleni komjaho. Kufezeke iphupho kimina ukuba ngikwazi ukuqeda kwabathathu abaphambili ngisendaweni engazalelwa kuyona," kusho uTshangase.

Umjaho unqotshwe nguJobo Khatoane waseLesotho oqede ngesikhathi esingu-2:16:47, UTshangase wagijima esingu-2:17:59 kanti owesithathu uBonginkosi Mavuso ugijime esingu-2:19:12.

UKhatoane uklonyeliswe ngezi-R50 000 ngokuphuma phambili, uTshangase yena walhomula ngezi-R30 000 ngokulala kwakhe isibili kanti uMavuso uthole izi-R15 000.

UZinhle Shabalala unqobe kwabesifazane emveni kokugijima isikhathi esingu-2:46:13, kwathi isibili kwaba nguMswawenkosi Nsibande ngesikhathi esingu-2:58:20 kanti olale isithathu kwaba nguJennifer Koech oqede ngesikhathi esingu-3:00:04.

UShabalala uklonyeliswe ngezi-R50 000, uNsibande ngezi-R30 000 kwathi uKoech wathola iziR15 000.

UMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhasela uZ.D Nxumalo uthe kujabulisile ukuthi iningi lababengenele lo mncintiswano bebeqhamuka kulesi Sifunda futhi kuyancomeka ukuzibandakanya kwentsha.

"Le marathoni iyakhula minyaka yonke futhi kujabulisa ngempela ukuthi abantu abaningi balesi Sifunda bayawungenela lomncintiswano. Kulo nyaka sibone umgijimi waseMzimkhulu elala isibili. Simthakasela kakhulu nomndeni wakhe. Sihalalisela bonke abanqobi nalabo abangenele lo mncintiswano. Ngonyaka ozayo uzoba mkhulu futhi ube ngcono," kuso UMeya uNxumalo.

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ububambisene noMasipala Wendawo uBuhlebezwe, uMasipala Wendawo uMzimkhulu, uMnyango Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko KwaZulu-Natal, iGenius Athletic Club Kanye nabaye ababambiqhaza ekusingatheni iHarry Gwala Marathon.

Sebe bonke abebengenele lo mjaho bebengama-459.

Umjaho uqale eHighflats (kuR612), waze waphelela eMzimkhulu College. Abagijimi bale marathoni bahlukaniselane imali eyizi-R400 000.

UMqondisi Womjaho uCeli Makhoba naye uhalalisele bonke abagijjimi.

"Ngihalalisela bonke labo abangenele leMarathoni yangowezi-2023. Sibonga uMdali ngokusinikeza isimo sezulu esivumela lo mncintiswano okusize abagijimi ukuba benze izikhathi ezinhle. Abagijimi bathole konke okuyizidingo emzileni abebegijima kuwo. Lokhu bekungeke kwenzeke ukuba bekusikhona ukuzinikela nokuzibophezela kweKomidi Elihlelayo. Ngithanda ukubonga wonke umuntu ofake isandla empumelelweni yale marathoni," kusho uMakhoba.




























**IZimeya nazo zibambe iqhaza emjahweni njengoba nazo zigijimile nabasubathi bebanika umdlandla. Imiklomelo engaphezu kwezi-400 000 inikezwe abasubathi abenze kahle.**

## IMIPHUMELA YEMARATHONI YASEHARRY GWALA

**Abesilisa 42.2 km**
1. uJobo Khatoane 2:16:47
2. uSinethemba Tshangase 2:17:59
3. uBonginkosi Mavuso 2:19:12
4. uSphamandla Nkosi 2:10:20
5. uPhumlani Dlamini 2:21:43
6. uSiboniso Skhakhane 2:23:15
7. uMholi Jali 2:25:13
8. uMfundo Chagwe 2:25:51
9. uTsepo Mathibelle 2:25:51
10. uSiyabonga Nkonde 2:26:09

**35 kuya 39**
1. uLuthando Hejana 2:37:25
2. uBongumusa Zondi 2:44:54
3. uThandokwakhe Ndlovu 3:07:15

**40 kuya 49**
1. uBareng Moqett 2:36:59
2. uJustice Sawana 2:45:43
3. uMkhaliseni Ndwalane 2:50:38

**50 kuya 59**
1. uMichael Ndlovu 2:47:03
2. uMbongeni Sosibo 2:51:06
3. uTuhembinkosi Gumde 3:10:54

**60 kuya 69**
1. uNkosi Ndlovu 3:20:36
2. uWillie Majombozi 3:37:32
3. uBongani Ndlovu 3:40:26

**Abesifazane 42.2km**
1. uZinhle Shabalala 2:46:13
2. uMswawenkosi Nsibande 2:58:20
3. uJennifer Koech 3:00:04
4. uLikeleli Majara 3:09:27
5. uRefiloe Khechane 3:10:59
6. uBanele Mabizela 3:12:57
7. uNokuthula Ntshangase 3:17:17
8. uLeeketseng Molefe 3:18:09
9. uLeneo Lebotla 3:23:04
10. uMasoabi Tsoeu 3:30:36

**35 kuya 39**
1. uMasoabi Tsoeu 3:30:36
2. uZodwa Magidigidi 3:35:53
3. uNkediseng Malongoana 4:29:05

**40 kuya 49**
1. uJennife Koech 3:00:04
2. uLieketseng Molefe 3:18:09
3. uLineo Lebolta 3:23:04

**50 kuya 59**
1. uHleziphi Ncayiyana 4:12:25
2. uThokozile Zulu 5:05:29
3. uZukiswa Kula 5:18:06

**21.1km Ovulelekile Abesilisa**
1. u-Ayanda Ngcobo 1:02:00
2. uSipho Mbanjwa 1:02:45
3. uLungelo Khumalo 1:02:55
4. uTeboho Noosi 1:03:32
5. uKabelo Lesia 1:05:21

**21.1km Ovulelekile Abesifazane**
1. uJenet Mbhele 1:10:31
2. uMathakane Letsie 1:15:03
3. uNomasebesti Khajoane 1:17:19
4. uReitumetse Thethana 1:18:28
5. u-Andisiwe Njunguza 1:19:09

**10km Ovulelekile Abesilisa**
1. uSibusiso Kubheka 28:09
2. uPakiso Mthembu 28:17
3. uSbonelo Khumalo 28:56
4. uBongukwanda Shezi 29:55
5. uMluleki Mbatha 30:03
6. uThabiso Mnculwane 30:15
7. u-Andile Mbatha 30:25
8. u-Emmanuel Seetsi 30:32
9. uSabata Elias 30:35
10. uSphamandla Goba 30:53

**10km Ovulelekile Abesifazane**
1. uMolutubete Makatisi 34:21
2. uRorisang Tlhoba 37:27
3. u-Inganathi Ngubo 38:12
4. u-Anele Ndawonde 38:35
5. uThembekile Mjwara 38:37
6. uSiphokazi Nkabane 39:25
7. u-Amanda Nkomo 39:40
8. uRefiloe Karreebos 40:36
9. uNonhle Dlamini 41:51
10. uThobeka Phungula 43:52



**UMasipala Wendawo uBuhlebezwe uvule amahhovisi amasha ngengqikithi yobu-Afrika. Bekuwubukhazikhazi kulomcimbi esezingeni obuthanyelwe uMphathiswa wakwaCogta uBongiwe MaSithole Moloi, iZimeya nezikhulu.**

# UMeya Wesifunda iHarry Gwala District uhlonishwe ngesikhathi kwethulwa amahhovisi amasha eBuhlebezwe

KUNESISHO esishiwo kuwo wonke amazwe omhlaba esithi; "ipha umuntu izimbali besakwazi ukuzwa iphunga lazo".

Lokhu kube yiqiniso kuMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo owenza umsebenzi omuhle ethuthukisa imiphakathi, ukuzithoba; ukwenza kwakhe okuwumnikelo kuthakaselwe ubuholi obukhona manje bakuMasipala Wendawo uBuhlebezwe, ngesikhathi esenguMeya kulo Masipala.

Lokhu bekwenzeka ngesikhathi kuvulwa amahhovisi amasha kaMasipala wendawo uBuhlebezwe lapho uMeya kaMasipala uKhansela uE.B Ngubo esho khona ukuthi bahlonipha uKhansela uZ.D. Nxumalo, owaba nguMeya osebenze isikhathi kulo Masipala.

Igama likaKhansela uNxumalo lingamanye amagama aqoshwe odongweni likaMasipala esiveza imininingwane yesikhathi lapho ayehola khona lo Masipala. "Njengoba uKhansela uNxumalo engomunye weZimeya ezasebenza isikhathi eside lapha uyathakaselwa," kusho uMeya uNgubo.

UMphathiswa wakwaCoGTA KwaZulu-Natal uBongiwe MaSithole Moloi, obeyingxenye yokwethula ngokusemthethweni kwamahhovisi uhalalisele uMasipala uBuhlebezwe ngamahhovisi awo amasha.

Umcimbi ohloniphekile obuhambisana noSuku Lwe-Afrika ubuwuphawu lwegxathu elingelibaleke





**Ingqephu yase-Afrika ibidla ubhedu ngosuku lokuvulwa kwamahhhovisi asoBuhlebezwe.**

## ISIBHEBHE SOBONDA SOBUHOLI KWABABE YIZIMEYA KUMASIPALA




> ***Lombhalo uyisikhumbuza ngalabo abake baba yiZimeya kuMasipala wethu. Umlando awunagebe.***
>
> **- uMeya uNgubo -**

- **UKHANSELA UC LEA COX:** 1995 - 1996
- **UKHANSELA UM PEER:** 1996 - 1998
- **UKHANSELA UMAHLABA:** 1998 - 2000
- **UKHANSELA UDW KHUMALO:** 2000 - 2004
- **UKHANSELA UTL MAHLABA:** 2004 - 2006
- **UKHANSELA UNJ PETERSON:** 2006 - 2011
- **UKHANSELA UZD NXUMALO:** 2011 - 2019
- **UKHANSELA U-EB NGUBO:** 2019 KUZE KUBE MANJE




**IZimeya ezazikuMasipala uBuhlebezwe zihalaliselwe kuvulwa ngokusemthethweni amahhovisi. Abanye esibabona lapha abomkhandlu nezikhulu abathamele lo mcimbi.**

emlandweni kaMasipala.

UMphathiswa uMaSithole Moloi usitshele ngesakhiwo sesimanje esimele isahluko esisha kuMasipala uBuhlebezwe. Isakhiwo esisha sisombulula izinselelo zendawo ebincane, siqinisekisa ukuthi konke okudingakalayo okubalwa iGumbi LoMkhandlu, ibhilidi lemisebenzi kamasipala, namahhovisi ezimali zombuso kukhona.

UMphathiswa uncome uMasipala uBuhlebezwe Municipality ngokuzibophezela kwawo ongenamibandela ekuhlinzekeni ngezinsizakalo zezinga eliphezulu emphakathini yize kunezingqinamba zendawo. Ukhuthaze umasipala ukuba uqine uvuseleleke ngalawa mahhovisi avuselelwe.

UMphathiswa uMaSithole Moloi ubuye wahalalisela uMeya kaMasipala uBuhlebezwe ngobuholi obenesibindi ekuphumeleleni ukufeza le phrojekthi ebalulekile. "Njengemeya yesifazane, uMeya uNgubo uwugqozi kuwo wonke umuntu ekhombisa ukuthi ukubamba iqhaza elibalulekile ungowesifazane uqhuba intuthuko nenqubekelaphambili emphakathini kuyenzeka," kusho uMphathiswa.

UMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo naye uncome uMasipala uBuhlebezwe ngomsebenzi omuhle owenziwe ethi lokhu kuzoqinisekisa ukuthi izinzakalo zizohlinzekwa kahle kubantu beSifunda.





**UMeya uKhansela uZ.D Nxumalo ukhuluma ngesikhathi semibukiso ye-IDP. Ugqugquzela abakhokhintela ukuba bakhokhele izinsizakalo ezihlinzekwa ngumasipala.**

# UMeya ugcizelela ubumqoka bemibukiso yoHlelo Lwentuthuko Oludidiyelayo (IDP)

UMEYA kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo usegcizelele ubumqoka boHlelo Lwentuthuko Oludidiyelayo (IDP) ethi, "Yinqola lena ephikisa umqondo wokuthi oMasipala bahambela kude nemiphakathi".

Imibukiso ye-IDP iyizinhlelo zikahulumeni ezisemthethweni eqinisekisa ukuthi oMasipala bayahlangana futhi baxoxisane nemiphakathi uma benza isabelomali sabo sonyaka. Isabelomali soMasipala sivezwa yi-IDP, okuwumqulu wesu lokusebenza ofaka izidingo, okuseqhulwini, nezifiso zemiphakathi.

IZimeya zabo bonke oMasipala, aMakhansela Amawadi, amakomidi amawadi nabambiqhaza bayazibandakanya emibukisweni njengengxeye eyakha inkundla ukuze imiphakathi ibe nomthelela ngohlobo lwezinsizakalo eziludingela imiphakathi yabo futhi ithole ngosekuzuziwe anye nnangamaphrojekthi asasele.

Lolu uhlelo lwamiyaka yonke lapho uMasipala Wesifunda iHarry Gwala uqhubekanokwenza izinto.

Inhloso yale mihlangano ukuba kwethulwe uNkankanyp lweMTREF lwangolowo nyaka futhi uqinisekise iminyaka emibili.

Uma uMeya uZD Nxumalo elungiselela isabelomali uyayibheka i-IDP kaMasipala bese enza konke okufanelekile ukuqinisekisa ukuthi uMasipala uyayibuyekeza i-IDP ngokweSigaba 4 soMthetho Wezinhlelo Zomasipala ebe eqinisweni eqhuba izidingo zemiphakathi ngokuhlonzwa yingenisomali nezindleko zeminyaka eseduze Kanye nokubekelela








**Amalungu emiphakathi ahambele imibukiso ye-IDP ukuze alalele ukuthi oMasipala Bendawo noWesifunda babaphatheleni. IZikhulu naMakhansela nabo bebekhona kule mibukiso ye-IDP ukuze bakhulume nomphakathi.**






**Amalungu omphakathi ahambele umbukiso we-IDP ukuze ezwe ngezinhlelo zoMasipala Bendawo noWesifunda abanazo. Izikhulu naMakhansela nabo bahambele i-IDP ukuze bakhulume nomphakathi.**

imihlahlandlela evela kuHulumeni Wezwe kanye nesimo somnotho wezwe.

Izikhulu ezivela kubo bonke aMasipala Bendawo okunguBuhlebezwe, uMzimkhulu, iGreater Kokstad neDr Nkosazana Zuma nazo zibamba iqhaza emibukisweni.

Izinhlelo zokuhlinzeka ngezinsizakalo okufaka amanzi nenhlanzeko kuhlal kuwundabamlonyeni emiphakathini eminingi yeSifunda.

UMeya uNxumalo, emhlanganweni we-IDP nabakhokhi bamareythi, ababambiqhaza, nemiphakathi ehlukene, ubagqugquzele bonke ukuba bonge amanzi futhi bakhokhele izinsizakalo abazinikezwa ngoMasipala njengoba lezi zakhiwo zisesisekelweni sengenisomaliokuwukuthi ziqoqa imali emigodleni yazo ngaphambo kokuba zikwazi ukuhlinzeka okuhleliwe obekuwumthelela weziphakamiso zemiphakathi.

Le mibukiso isiza ekulungiseleleni uhla lwentuthuko lwamasukusebenza, iyasiza ekuqondiseni konke ukuhlela, ukuphatha, ukuthuthuka, nasekuqondiseni ukwenza izinqumo lapho kufanele kucatshangelwe okwashiwo yimiphakathi nababambiqhaza kuyo yonke indawo kaMasipa Wesifunda iHarry Gwala.

Kule mihlangano amalungu anikezwa ithuba lokubuza imibuzo nelokusho lokho okubathintayo ngezinszakalo nokunye okuhambisana nakho.











**Ithimba Labaxhumanisi Besifunda iHarry Gwala lamukele ilungu Elisha leSithangami Sabaxhumanisi Besifunda (DCF), ngesikhathi somhlangano ebandakanye nokwaziswa ngokomsebenzi kwabaxhumanisi.**

# ISithangami Sabaxhumanisi beSifunda iHarry Gwala samukela ilungu elisha

ISITHANGAMI Sabaxhumanisi BeSifunda iHarry Gwala samukele iNhloko Yezokuxhumana kaMasipala iGreater Kokstad.

Umhlangano ibinokwamukela iNhloko Yezokuxhumana yaseGKM uMnu uZolani Sqwayi ebigqugquzelwe uHlelo Lezokwazisa Nezokuxhumana KuHulumeni (GCIS).

Inhloso yokwamukela ukuba kuhlanganiswe abaxhumanisi ohleweni lokuxhumana kuhulumeni ukube bebe nolwazi olunzulu ngomsebenzi nokuthi bangena kanjani ohlelweni lokuxhumana kuhulumeni ukuze kube nokusebenzisana ekuxhumaneni nemiphakathi yomasipala abasebenza kuyo. ISithangami Sabaxhumanisi BeSifunda iyinkundla yabaxhumanisi ukuba badingide izindaba mayelana namsu okusebenza ekuxhumaneni kuhulumeni ngaphakathi esifundeni kanye nokungaba yizixazululo ngokwenza okuhle ukuze kuthuthuke izinga labo lokusebenza njengoba indawo abasebenza ngaphansi kwayo ilokhu iguquka. Isithangami sihlangana njalo Kanye ezinyangeni ezintathu usihlalo waso kuba uMeneja Kwezokuxhumana kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala uNdabezitha Tenza.

Phakathi kwezinto ezazidingidwa kwaba yizethulo ezenziwa kwiSithangami Sezokuxhumana komasipala abahlukene i-Local Government Communicators Forum (LGCF), nokuthi umhlangano olandelayo uzoba kwiSifunda iHarry Gwala.





**UMeneja Wezokuxhumana eGreater Kokstad uMnu uZolani Sqwayi wamukelwa ngemfudumalo ngamalungu eDFC.**

# ISifunda iHarry Gwala sisingathe umhlangano we-EPWP




**UMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo ucele izisebenzi ze-EPWP ukuqinisekisa ukuthi zisebenza ngokufanele futhi wacela ukuthi babe baningi abantu abazoqashwa ngaphansi kwalolu hlelo.**

UMNYANGO Wezemisebenzi Yomphakathi Kwazulu-Natal noMasipala Wesifunda iHarry Gwala basingathe uhlelo lokuqaliswa kwemisebenzi nge-EPWP Focus Week ePeace Initiative Hall eXobho.

UMhlonishwa uMeya Wesifunda uKhansela uZ.D Nxumalo, uthe kusemqoka ukuthi labo abaqashwe ngaphansi kwe-EPWP kufanele bafunde amakhono emisebenzi abayenzayo futhi bazinikele babuye bazibophezele emsebenzini wabo.

UMeya ubuye wathi unesifiso sokuthi ngabe babiningi abantu beSifunda abaqashwe ngaphansi kohlelo lwe-EPWP wabe esenxusa uPublic Works ukuba abe nesabelo esithe xaxa.

"NjengeSifunda esingakuthanda ukubona abantu abaningi beqashiwe ngaphansi kwe-EPWP. Singathanda futhi ukubabona bethola amakhono afanelekile ukuze nenze umsebenzi umsebenzi wabo okungangokwamandla abo," kusho uMeya uNxumalo.

Inhloso yesonto lokugxilisa le-EPWP ukwazisa nokuqonda kangcono i-EPWP yibo bonke bemizimba yomphakathi, yiZinkampani ZoMbuso (SOEs) nomphakathi Kanye nokuthuthukisa ukusebenza okunomthelela nokubika kwemizimba yomphakathi Kanye nokwandisa izindlela zokwakha amathuba emisebenzi.

UMdidiyeli Wesifuna iHarry Gwala uNks. uZanele Bavu, uthe iSifunda senza kahle kakhulu ngezinhlelo i-EPWP waveza nokuthi kuningi okusengazuzwa.

UMnu uD.B Dlamini, onguMqondisi Omkhulu walolu hlelo uthe i-EPWP akufanele ibe nenhlese yezepolitiki ngisho kwenziwani noma ngandlelani. "Silapha ukuba sabelane ngemicabango nokuthi sizwe ukuthi abasebenzayo bahlangabezana nani emsebenzini. Sikhuthaza futhi ukuba senze okusemandleni ethu emisebenzini yethu njenge-EPWP," kusho uDlamini.

Abazibandakanyayo bayakhuthazwa ukuba bangakhi isithombe esibi nge-EPWP ngokuthi bangenzi okulindeleke kubona.








**Ngesonto Lokugxiliswa Kwe-EPWP izisebenzi zethamele umhlangano wokubonisana. Abanye abathamele lo mcimbi kube nguMeya Wesifunda uKhansela uZ.D Nxumalo, uSekela Meya uKhansela uT.N Jojozi, izikhulu zeSifunda, zoMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi, izikhulu zomasipala bendawo namalungu omphakathi.**










**Amabhizinisi amancane eSifunda iHarry Gwala athole usizo oludingeka kakhulu oluvela kuwo uMnyango Othuthukisa Amabhizinisi Amancane nakuSEDA, nakuMasipala Wendawo uBuhlebezwe nakuHarry Gwala Development Agency (HGDA).**

# IZIPHO ZOHLELO LWENTUTHUKO YAMABHIZINISI AMANCANE ESIFUNDENI IHARRY GWALA

NJENGOBA iNingizimu Afrika ivuka izithatha emveni kobhubhane uKhuvethe nokwehla komnotho umnotho ongakahlelwa uqhubeka nokubamba iqhaza ekubhekaneni nokungaqashwa kanye nasekufukuleni izwe ukuba lisimame. Kungumsebenzi kahulumeni ukuhlola ukuthi la mabhizinisi angakahlelwa athuthuka kanjani, amelana kanjani futhi yikuphi ukungenelela okungenziwa ukuze angacwili.

Njengengxenye yoHlelo Lwentuthula Yamabhizinisi Amancane Nangakahlelwa Kuzwelonke (IMEDP), uSekela Ngqongqoshe woMnyango Wokuthuthukisa Amabhizinisi Amancane uDipuo Peters ubekusoiSifunda iHarry Gwala ePeace Initiative Hall eXobho. USomlomo Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uMdunge, uMeya kaMasipala Wendawo uBuhlebezwe uKhansela u-EB Ngubo neSikhulu Esiphezulu seHarry Gwala Development Agency uNks uWhyte baphelekezele uSekela Ngqongqoshe.

UMnyango Wokuthuthukisa Amabhizinisi Amancane usebenzisana neSEDA noMasipala Bendawo bahlinzeke ngamathuluzi nezimpahla zokusebenza emabhizinisini amancane nangakahlelwa ngokusebenzisa i-IMEDP. I-IMEDP inikezela ngesibonelelo esingama-100% kumabhizinisi angakahlelwa asebenza emalokishini nasezindaweni zasemakhaya igxile ikakhulukazi ukuhlonulisa abesifazane, intsha nabakhubazekile (PWDs). I-IMEDP ilekelela amabhizinisi amancane nangakahlelwa ngokuwahlinzeka ngezinto zokusebenza. Lolu hlelo luphokophelela ukuphuthumisa ukukhula kwebhizinisi ngokuthi likwazi ukuncintisana namanye futhi lisimame ukuzelibe yibhizinisi elihleliwe emnothweni omkhulu.

Inhloso yalokhu ukufukula abanikazi bamabhizinisi abasohlangothini olungakahlelwa ngokubacija ngamakhono nokubaqeqesha okuqondiswe kokuthile Kanye nokubahlinzeka ngamathuluzi okubasiza basimame bebye bancintisane nabanye. Bangama-24 sebebonke abahlomulile kuso sonke iSifunda iHarry Gwala.




**Ukuhambela kukaHulumeni Kazwelonke omasipala bendawo National Government kubeke umudwa emphakathini waseMadungeni, uDkt uNobuhle Nkabane nabanye Osekela Ngqongqoshe bahambele lo mphakathi beletha izinsizakala ezidingakala kakhulu.**

# UMeya uNxumalo wethulela isigqoko ubuholi bukazwelonke ekubekeni eqhulwini koMasipala Bezindawo Zasemakhaya

UMEYA Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo usencome oNgqongqoshe naMasekela ngokukungadikibali ukuhambela iSifunda njengengxenye yokuthola isixazululo sakade ezinselelweni zokuhlinzeka izinsizakalo ezilokhu ziqhubeka zengama omasipala bezindawo zasemakhaya.

UMeya Wesifunda uKhansela uNxumalo udlulise ukubonga kwakhe ngesikhathi kuneMbizo KaHulumeni ebibizelwe eMadungeni eyayihanjelwe uSekela Ngqongqoshe Wezimbiwa Namandla uDkt uNobuhle Nkabane, nabanye oSekela Ngqongqoshe kubalwa uPamela Tshwete Wezokuhlaliswa Kwabantu, uDkt uSibongiseni Dhlomo Wezempilo, uNks uPinky Kekana Wezokulawula Nokubheka Amanani eHhovisi LikaMengameli; uBoitumelo Moloi Wezokuqashwa Nabasebenzi Deputy Minister of Employment and Labour; noMnu uNjabulo Nzuza Wezindaba Zasekhaya.

IMbizo bekuyingxenye yoHlelo LukaMengameli neDistrict Development Model (DDM) okuyiyona edidiyela ihlanganise yomithathu iminxa kaHulumeni ngezinhlaka zentuthuko nezabelomali ukuzuza amandla nezinsiza kukahulumeni, komphakathi, kwamabhizinisi, kwabasebenzi, kuqondwe ukuba kukhulwe Kanye Kanye nokwakha amathuba emisebenzi.

IZimeya zomasipala bendawo eziseSifundeni zibe nomuzwa ofanayo noMeya uNxumalo ekuncomeni izinhlelo ezifuna ukuthuthukisa imiphakathi yasemakhaya ukuhlala kuliwa nobubha. “Sazizwa sihloniphekile ukuba sibe noSekela Ngqongqoshe kulesi Sifunda sethu besilethele izinsizakalo. Sinezinsizakalo zezasekhaya nezezempilo konke kule ndawo. Lokhu kukhombisa ukuthi uhulumeni uyazi ukuthi abantu badingani bese uhlinzeke ngokufanele,“ kusho uMeya uNxumalo.

Lowo nalowo Sekela Ngqongqoshe wethule izinsizakalo zomnyango wakhe futhi babuye baletha izinsizakalo zosuku njengokukhishwa komazisi, bephendula ngodaba lwe-UIF, lwezezindlu nolwezempilo.

IMbizo ibigxile ekukhulumeni ngezindaba eziphathelene nezimbiwa nezamandla okuthinta umphakathi kaMasipala Wendawo uBuhlebezwe, nezinkampani zezimbiwa ezithintekayo ezisendaweni.

Lokhu kuhambisana nekhwelo likaMengameli uCyril Ramaphosa lokuqamba indlela yokwakha iDistrict Development Model (DDM) eqinile ngokuba namathimba asebenzisanayo ngaphakathi kuhulumeni azobambisana ngokuzwana ukuthuthukisa impilo yemiphakathi esifundeni ngasinye.






# IZindleko Zezibonelelo ZikaMasipala








**UMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nzumalo ugcizelele ubumqoka bokuhlelela iMIG. ISifunda besiba nemihlangano nyanga zonke kanye nemihlangano yamasonto onke ukuba uhlele.**

NGENHLOSO yokuqinisa ubudlelwano ngaphakathi kuhulumeni kuso iSifunda iHarry Gwala, uMasipala ube nomhlangano wokubonisana mayelana neZindleko Zezibonelelo ZikaMasipala okufaka noMasipala Bendawo.

Bekuqondwe ukuqinisekisa ukuthi iSifunda sakha isabelomali ngendlela ekwaziyo ukubhekelela izinselelo ezivela koMasipala Bendawo njengengxenye yokuphuthumisa ukuxazulula izinselelo zokuhlunzeka izinsizakalo kuso sonke iSifunda. Lokhu kuhlobene neDDM okuwuhlelo oluhlanganisayo futhi luqinise indlelakwenza ezinzile ukuthuthukisa izindawo zasemdolobheni nezasemakhaya ngokwakha isihlola kusebnza kwamabhizinisi kubekwa eqhulwini abantulayo.

Kulolu hlelo bonke oMasipala Bendawo bethule isimobunjalo sezindleko ngeMIG, nge-INEP, nge-EPWP nangeWSIG kuzekube manje.

Umhlangano ububanjelwe eDisaster Management Centre eXobho. Lo mhlangano ubuhanjelwe uMeya Wesifunda iHarry Gwala, uSekela Meya weGreater Kokstad, iZimeneja Zomasipala, aBaqondisi, iZikhulu Eziphezulu kanye nezikhulu ezivela eBuhlebezwe, eMzimkhulu, eDr Nkosazana Dlamini-Zuma naseGreater Kokstad.

UMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZamo Nxumalo uthe bekubaluleke kakhulu ukuba omasipala bahlale phansi bahele ukuze iMIG isetshenziswe ngendlela nangesikhathi esifanele ukunciphisa izimali ezidluliselwa isikhathi esilandelayo.

"Kusukela kulokhu eselulekwe ngakho, izithunywa ezeqile kumaphrojekthi kudala inkinga futhi mazincishiswe. Ababika ngezimali kufanele bahlale bekhona besebenza. Izikhulu kufanele ziqhamuke namasu kanye nezixazululo ukuze ziqhubezele umasipala phambili. Sidinga ukwaziswa ukuthi sibhekene nani ikakhulukazi mayelana nezivumelwano. Udaba lokuhlela luhambisana nezindleko kufanele kube yinto ebalulekile edingidwa ngabaphathi ukuze kuthokale imiphumela efanelekile. Kufanele sisebenzise ukuhlela okuqhubekayo. Abaqondisi bezokwenzamasu kufanele bayazi into abayenzayo bawaqondisise amaphrojekthi abo. Udaba lokuhlinzeka izinsizakalo kufanele lube seqhulwini njalo. Kufanele futhi sisabalale ngemicabango sikwazi ukusungula ukuqinisekisa ukuthi sihlinzeka ngezinsizakalo," kusho uMeya uNxumalo.

Izikhulu ezinkulu eziqhamuka kwaCogta KwaZulu-Natal ziholwa uMqondisi weMIG, uNkk uChuleza Jama, weluleke omasipala ukuqinisekisa ukuthi amaphrojekthi eMIG aphela ngesikhathi.

"Izikhulu zamanani noma izimeneja zemisebenzi badinga ukuba bazibambele mathupha banciphise ukuthumela. Sidinga kuqala amaphrojekthi ngesikhathi ukuze siqinisekise ukuthi aphela ngesikhathi," kusho uNkk wakwaJama.

ISifunda besibamba imihlangano nyanga zonke ukudingida ngenqubekela phambili nokusebenza kwezimali zeMIG. Lokhu kwanconywa futhi kwaba nemiphumela emihle. Manje iSifunda sizoqala sibe nemihlangano masonto onke ngezindaba zeMIG.




**IHhovisi Elingumahambanendlwana Lentsha lizolekelela intsha ekufuneni imisebenzi, ekufakeni izicelo emanyuvesi kanye nasekutholeni i-inthanethi ngisho ezindaweni zasemakhaya. Ibhasi elivela eHhovisi LikaNdunankulu lamukelwe yiSifunda. Lapha uMqondisi Ophethe uNks uN. Buthelezi wamukele ibhasi enezinye izikhulu.**

# IHHOVISI ELINGUMAHAMBANENDLWANA LENTSHA

UKUXHUMANA nentsha yeSifunda iHarry Gwala kuzothuthuka kakhulu manje njengoba sekunehhovisi elingumahambanendlwana lentsha eseliqalile ukusiza imiphakathi kuso iSifunda.

IHhovisi likaNdunankulu ngaphansi Kwezentsha eliholwa nguMnu uS.O. Ntuli (uMqondisi Omkhulu) ephelezelwa nguNksz uN. Zungu (uMqondisi Obambile), uMnu uS. Latha (uMqondisi Omncane) woKuthuthukisa  Amakhono Entsha noNksz uY. Masuku (iSikhulu Sezokuthintana Netsha) nethule ngokusemthethweni iHhovisi Elingumahambanendlwana Lentsha elamukelwe eHhovisi Lesifunda iHarry Gwala nguNksz uN. Buthelezi (uMqondisi Ophethe kwaSSDP), uMnu uR.Z. Langa (uMeneja Wezinhlelo Ezinqala), uMnu uM. Mazibuko (uMdidiyeli Wezentsha Obambile) noMnu uT. Luswazi (iThwasa Kwezokuphatha).

Inhloso ngaleli hhovisi elingemahambanendlwana ukusimamisa izinsika zeNqubomgomo Yentsha Kuzwelonke (NYP) wezi-2020-2030 kanye neQhingasu Lokuthuthukisa Intsha Elihlangene Lesifundazwe (PIYDS) elasungulwa ukuze kuhlanganiswe futhi kusetshenziswe izinhlelo ezimayelana nentsha.

Le phrojekthi izosiza intsha yeSifunda iHarry Gwala kusetshenziswana nomasipala bendawo. Ihhovisi elingumahambanendlwana lineWiFi, umshini wokuphrinta namalephuthophu okuzosiza intsha kuso sonke iSifunda ngentshisekelo tokuhambisa izinsizakalo zikahulumeni kubantu . phakathi kwezinye izinsizakalo ezizolethwa yileli hhovisi kuzoba ukufaka izicelo zikaNSFAS, usizo lokafaka izicelo ezikoleni zemfundo ephakeme, ezokuxhasa amabhizinisi, kungagcini lapho kuphela. Ihhovisi elingumahambanendlwana lizoba nezinhlelo ezixhumana nezinsika ezinhlanu zokuthuthukisa intsha emiphakathini entulayo. Ihhovisi elingumahambanendlwana liqale ukusebenza zingama-26 kuNhlaba 2023 kuMasipala Wendawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma ngohlelo lokukhangisa ngemisebenzi.


Leli hhovisi elingumahambanendllwana lethulwa ngokusemthethweni uMeya Wesifunda uKhansela uZamo Nxumalo emhlanganweni ovulelekile womkhandlu owawubanjelwe eKokstad kamuva. UNxumalo uthe lokhu kuwukufezeka kwephupho ngetsha yeSifunda.

"Lokhu kuphendule imithandazo ngentsha yethu njengoba izothola ukusizakalo ezindaweni zayo. Ekuqaleni ukuhambisa iCV nokuthola i-inthanethi bekufanele ihambe amabanga amade noma baye edolobheni, manje izinsizakalo zizoza ezindaweni zayo.sijabule kakhulu ngaleli hhovisi elingumahambanendlwana futhi sethemba ukuthi intshayethu izolisebenzisa ngokuphelele," kusho uMeya uNxumalo.

Ukuthola olunye ulwazi sicela uxhumane namaHhovisi Entsha Esifunda Nawendawo:
**eNDZ: uNqo Mbanjwa - 0798340075**
**eNMZ: u-Adam Sikhosana - 0734447983**
**eBUHLEBEZWE: uSinethemba Nkontwana - 0743271186**
**eGKM: uSamkele Nondize – 0780119238**








**Amakhono ayizidingo zokukwa nomlilo, lesi bekuyisifundo esinikezwe izisebenzi zesiSifunda iHarry Gwala ngesikhathi sokuqaphelisa ngomlilo.**

# Inhloso yokuqaphela umlilo emsebenzini

NSUKU zonke, abantu bavuka bahambe baye ezindaweni ezahlukene, okungaba baya emsebenzini noma esikoleni ukuze babhekane nabakwenza nsuku zonke.

Nokho, lokho akusho ukuthi impilo yabo iphephile ngoba kungaqubuka umlilo kungalindelekile. Kungalesi sizathu uMasipala Wesifunda iHarry Gwala ukholelwa ebumqokeni bokuqeqesha izisebenzi zawo mayelana nokufanele kwenziwe uma kuqubuka umlilo.

UMasipala ube nomkhankaso wokwazisa obuholwa yiHhovisi Lezempilo Nokuphepha Emsebenzini ngaphansi koPhiko Lwemisebenzi KaMasipala.

Lokhu kuqaphelisa kuhlose ukuxwayisa izisebenzi ngezingozi zomlilo ezingaba khona endaweni yokusebenza nasemakhaya. UPhiko Lwezemililo lwaseBuhlebezwe yilona ebiliviliyela.

UNkk uThobile uMaThiyane Magaqa onguMqondisi Ophethe eMisebenzini KaMasipala uthe kusemqoka ukuba kube nalokhu kuqaphelisa ezisebenzini ukuze ziphephe nezakhiwo zikamasipala.

"Ukuphatha ukuphepha emlilweni kungathuthukisa ukuphendula ngokushesha uma kuqubuka umlilo. Okuyikhona okusemqoka kakhulu kithina njengeSifunda ukuthi izisebenzi zethu ziphephe. Uma kwenzekakuqubuka umlilo kufanele zazi ukuthi yini okufanele ziyenze. Okunye lokhu bekusemqoka ukuba kwenziwe ukuqinisekisa ukuthi izakhiwo ziphephile emlilweni," kusho uMaThiyane Magaqa.

"Sibonisile ngokwabelana ngezinsizakalo njengoba besisebenza ndawonye namathimba ezinhlekelele esifundeni ikakhulukazi uma sekuziwa ezidabeni zabacishimlilo. Sibonga abacishimlilo baseBuhlebezwe ngokuba yingxenye yethu ngesikhathi sokuqaphisa. Uma sisebenza ngokubambisana impela sizophumelela futhi sikhule," kwengeza uMaThiyane Magaqa.

Ngesikhathi sokuqaphisa izisebenzi zifundile ngokuthi imililo igwenywa kanjani, iciahwa kanjani nokuthi uma kunequbula lomlilo emsebenzini yini okufanele yenziwe. Izisebenzi zibe nethuba lokufunda ukusebenzisa isicishamlilo.

Inhlekelele yomlilo iba nomthelela wakade. Abantu bangalimala kakhulu noma babhubhe, futhi ulimaze kube nezindleko empahleni.

Inqobo ekuphepheni emlilweni ukuhlala uzivivinya ngokuphepha okuqondile ngomlilo kanye nokuwuvimbela. Kunezinyathelo ezilula ongazithatha ukuze kungafi muntu futhi kungalimali impahla ngomlilo.

- Ungalokothi ukhiye noma uthiye izindawo zokuphuma noma iminyango, emahholo noma ezitebhisini. Iminyango yemililo iyindlela yokuphuma futhi inciphisa ukubhebhetheka komlilo nentuthu. Ungabeki izinsika ezitebhisini naseminyangweni yomlilo evulekile.
- Funda ngohlelo zokuphuma ebhilidini. Enza isiqiniseko sokuthi wonke umuntu uyazi ngokumele akwenze uma kukhala isixwayisi somlilo. Hlela futhi uzivivinye ngohlelo lokuphuma.
- Qinisekisa ukuthi imeneja yebhilidi ibeka obala imigudu yokuphuma lapho kuhanjwa khona kakhulu njengasemaphaseji.
- Azi ukuthi sikhala kanjani isixwayisi somlilo sebhilidi futhi ubeke obala izinombolo zezimo eziphuthumayo eduze kwezingcingo.
- Azi ukuthi ubani obhekene nokusebenza kwezinhlelo zokuphepha emlilweni. Enza isiqiniseko sokuthi azikho izithiyo futhi ubike masinyane ngezimpawu zokulimala noma zokungasebenzi ngendlela kwazo kubaphathi bebhilidi.

# Isakhiwo uMkhandlu Wentsha sibeka eqhulwini intuthuko yentsha



**Ikusasa laleli lizwe lisezandleni zentsha, lona bekungumbono wesifunda kanye noweMeneja yesifunda. iHhovisi leMeneja Yentsha libe nengqungqthela ehlomisa intsha ngolwazi esifundeni.**

NJENGENGXENYE eqinisekisa ukuthi ukuthuthuka kwentsha kuyadlondlobala, intsha yeSifunda iHarry Gwala inqume ukuba ishaye phansi ngonyawo ukuqinisekisa ukuthi iyahlomula emathubeni aqhamukayo endaweni.

Yilapho kuqhamuke khona ukwakhiwa koMkhandlu Wentsha Wesifunda ohlose ukuletha eduze amathuba ukuze kuphephe intuthuko yentsha. UMkhandlu Wentsha wakhiwa engqungqutheleni ensukumbili eyeyiseGlencairn kamuva lapho izinselelo eziningi ezibhekene nentsha okubalwa ukungabi bikho kwamathuba emisebenzi osekwengame intsha yeSifunda sekucutshungulisiswa ukuba kutholakale isisombululo sokuba ithole amathuba.

Ingqungqthela yayikuMasipala Wendawo iDr Nkosazana DlaminI-Zuma njengengxenye yokubhekana nezinselelo yentsha ekomasipala basezindaweni zasemakhaya.

Indlela eya phambili mayelana nalokhu kwaholela ekwakhiweni kwesakhiwo uMkhandlu Wentsha lapho uVuyo Zulu wakhethwa waba uSihlalo, uSekela Sihlalo uSboniso Dumakude. UWandile Radebe waba nguNobhala woMkhandlu, uSekele Nobhala uMxolisi Nyambose, kanti uKholeka Mngoma ubeuMgcinimafa. Amalungu engeziwe kube uMinenhle Khuboni, uMsizi Lugaju, u-Awonke Bam, uNompumelelo Sibetha noNaledi Mnini.

OwayeyiMeneja Yentsha kumasipala Wesifunda iHarry Gwala District uMnu uQiniso Mnguni ozazi kahle izinselelo ezibhekene nentsha yeSifunda uthe unxenxe uhulumeni namabhizinisi ukuba bahlangane ukuqinisekisa intuthuko yentsha.

"Ingqungqthela kufanele isigqugquzelele ukuba silelwe impumelelo  njengentsha yeSifunda iHarry Gwala. Akufanele ibe yinkundla yokukhuluma nje kuphela kodwa kufanele kugide imiqondo ephusile ezokwazi ukuba nezixazululo ezinkingeni ezikhungethe intsha," kusho uMnguni.

Wamukele abaholi boMkhandlu abasha abakhethiwe wabanxusa ukuba bayibambe ophondweni ekubekeni eqhulwini intuthuko yentsha.

"Niyizwi lentsha kulesi Sifunda, yimeleni ngokufanelekile. Kufanele ibone uguquko ngoba inikhethile. Inhloso okufanele niyifeze ukwenza isiqiniseko ukuthi kukhona intuthuko yentsha kuso iSifunda," kusho uMnguni.

Phakathi kwabanye ababambiqhaza abebekhona engqngutheleni kubalwa iNYDA, Ezenhlalakahle, iDDP, iThe Berg Incubation Hub kanye neSAYC yeSifunda iHarry Gwala.

# Ukuqeda imikhuba emibi enhlalweni



**Umeya Wesifunda uKhansela uZ.D Nxumalo uhambele ithempeli iThandinkosi e-Underberg.**

IMIKHUBA emibi iyimbangela enkulu ebhebhezela uDlame Ngokobulili (GBV) esigubezele imiphakathi eminingi kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala osekuphoqe iMeya Yesifunda uKhansela uZ.D. Nxumalo ukuba anxuse ukungenelela kokholo lapho ememe khona uMholi weBandla lamaNazeretha iNazareth Baptist Church "UNyazi LweZulu" Shembe namalungu ebandla ukuba bahlale izinsukwana esifundeni futhi bakhuphule lezi zinselelelo ngomkhuleko kuSomandla.

UMeya uKhansela uNxumalo uhole izithunywa zesifunda sakhe ukuba zihambele Inkosi uMduduzi "UNyazi LweZulu" Shembe uMholi waManazaretha eThempelini iThembeni eMzimkhulu. Lokhu bekungemuva kokuhambela iThempeli iThandinkosi e-Underberg. Izithunywa kukho kokubili ukuhambela bekuneZimeya, eyaseMzimkhulu, eyaseBuhlebezwe eyaseGreater Kokstad, eyaseDr. Nkosazana Dlamini Zuma, uSekela Meya waseHarry Gwala uKhansela uT.N Jojozi, amakhansela nezinye izicukuthwane.

Izithunywa zamukelwa ngemfudumalo yInkosi Unyazi Lwezulu. Wazibusisa izithunywa wazifisela konke okuhle ekusebenzeleni abantu kahle.

UNyazi, ephundula isinxuso sMeya, wagxeka uDlame Ngokobulili. Izindaba zokuletha izinsizakalo emphakathiniweSifunda iHarry Gwala nazo zadingidwa neNkosi uNyazi LweZulu ethe kunesidingo sokuthi abaholi kufanele bahlinzeke izinsizakalo futhi amalungu omphakathi alalele abaholi.

UMeya uNxumalo ukugcizelele ukuthi abaholi badinga ukungenelela kokholo nokubandajanyeka kwabaholi bomdabu ekulweni nemikhuba emibi yenhlalo kusemqoka njengoba bebamba iqhaza elisemqoka njengabaholi emiphakathi yabo. "Kusemqoka ukuba siyibambe le mpi nabaholi bomdabu nalabo bamabandla ehlukene silwe noDlame Ngokobulili ukuze uma bekhuluma nabantu babo ezinkundleni zabo bakwazi ukuma ekuqedeni lokhu futhi balethe noguquko," kusho uMeya uNxumalo.



**Izithunywa eziholwa uMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo uhambele ithempeli iThembeni eMzimkhulu.**








**AMakhosi eSifunda iHarry Gwala abe nethuba lokufunda ngokulawula izinhlekelele obekusingethwe uPhiko Lwezinhlekelele Lwesifunda. AMakhosi abe nethuba lokudingida nokulwa nezinhlekelele ezindaweni zawo nasemiphakathini yawo kuso iSifunda. AMakhosi anikezwe izinto zokuwasiza ezindaweni zawo uma zibhekene nenhlekelele.**

# UMhlangano Wokubonisana Wokulawuala Izinhlekele WaMakhosi

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala ubambe umhlangao wokubonisana nabaholi bomdabu muva nje. Lo mhlangano ubuthanyelwe ngaMakhosi aqhamuka komasipala kuso iSifunda, iSikhungo Esilawula Izinhlekelele Esifundazweni, Abezesimo Sezulu eNingizimu Afrika (SAWS), uSekela Meya Wesifunda uKhansela uT.N. Jojozi, abababambiqhaza nezikhulu.

Inhloso yalo mhlangano wokubonisana ukuxoxa nokudingida izindaba eziphathelene nemililo kanye nezakutakula.

Inhlangano iSAWS yethule imithelela yezinhlelo ezexwayisa ngezimo zezulu ezingezinhle omunye umnyango obenesethulo uMnyango Wezokuhlalisa Abantu. UMphathi Wohlelo uNkk uTT uMaThiyane Magaqa ugcizelele ubumqoka bokuqaphela kakhulu imvelo njengoba ibamba iqhaza elikhulu ekunqandeni izinhlekele ukuba zenzeke.

Sibuyela ezindleleni zasemandulo nasekunamatheleni kokomdabu kungezinye zezindlela ezibalulekile ezinomthelela ekunciphiseni izingozi emveni kwezinhlekele ezingokwendalo. "Kungumthwalo wawo wonke umuntu ukuba bambe iqhaza elibonakalayo ekunakeleleni indawo yethu yemvelo," kusho uNksz uT. Gumede wakwaSAWS.

AMakhosi aakucomile okusungulwe kumasipala njengoba kuwalungiselela ukuba akwazi ukubhekana nezinhlekelele kanye nokuphathelene nemililo ezindaweni zawo.

UMqondisi Ophethe Wezenhlakahle uNks uN. Buthelezi noSekela Meya badlulisele aMakhosi izinsiza ezizowasiza ezindaweni zawo uma ebhekene nezinhlekelele zemvelo nemililo.

**IZINQUMO**

- IZihungo Ezilawula Izinhlekele kufanele ziqinisekise ukuzibandakanya kwaBaholi Bomdabu ngokusebenzisa izithangami zokwaluleka, izinhlelo ezithuthukisa ukwenza. Ukuhlola ubungozi, ukulwa nezinhlakelele kanye nolwazi lwendalo.
- AMakhosi ayanxuswa ukuba abize izinsizakalo zomlilo nokutakula uma kuqbuka umlilo.
- Ukubeka amanxiwa okwenziwa ngaMakhosi ngokusebenzisa Izinduna, kufanele kuqinisekiswe ukuthi umhlaba ohlonzelwe intuthuko uyahlangabezna nazinga kahulumeni.
- Ukuzibandakanya ezithangamini ezeluleka ngokulawula izinhlekelele emazingeni kahulumeni.
- AMakhosi kufanele asize ekufundiseni nasekuqapheliseni imiphakathi ikakhulukazi ngolwazi lwendalo.
- Kwenziwe ukubala kuzo zonke izindawo ezingahlaselwa yizinhlakelele ukuqinisekisa ukunciphisa uungozi namaqhingasu okungenelela.
- Ukuthuthukisa izisombulululo eziqhutshwa amalungelo abantu ziqhathaniseka nalezo ezobuntu.








**Kunkenteza izwi elilwa noDlame Ngokobulili (GBV) eMzimkhulu. UMphathiswa Wezenhlakahle uhambele le ndawo enabanye abaholi abavela koMasipala Bendawo Wesifunda ukulwa nenoDlame Ngokobulili iGBV.**

# UMPHATHISWA UKHOZA UHLABE IKHWELO EZAKHAMUZINI ZASEMZIMKHULU UKUBA ZIME NOHULUMENI

UMPHATHISWA Wezenhlakahle KwaZulu-Natal uNonhlanhla Khoza usenxuse imiphakathi yaseMzimkhulu ukuba izibandakanye ezinhlelweni zikahulumeni futhi zingalilahli ithemba ekuhambisaneni nesivinini esilinganisiwe okungenzeka ukuthi zona zifuna kusheshe kunalokho okubekiwe uma kukhulunywa ngokuhlinzekwa kwezinsizakalo.

UKhoza ubekhuluma esigodini saseMachunwini lapho eveze khona ukuthi ukuhlinzeka izinsizakalo kungenzeka kungaphuthumi njengasemadolobheni ngoba okuningi kutholakala kalula khonangokwezinhlelo zabo njengohulumeni. Lezi zindawo ziba seqhulwini ezinhlwini zabo. Ucele izakhamuzi ukuba zimethembe uhulumeni esho ukuthi uyazinakekela akazilahlile.

UMphathiswa uthe uhulumeni okhona kumanje uholwa ngabantu abaluqondayo usizi lwabantu basemakhaya futhi basebenza kanzima ukuguqula izimo zezinto.

Ekhuluma enkundleni yezemidlalo eMachunwini kuwadi 12 ngaphansi kukaMasipala Wendawo uMzimkhulu, uMphathiswa uEC Khoza uqinisekise izakhamuzi ukuthi uhulumeni akasongile izandla ububha budla lubi kuso iSifunda iHarry Gwala.

"UHulumeni waKwaZulu-Natal uyaqhubeka uhlabela phambili uphuthumisa ukuhlinzeka izinsizakalo futhi uqeda indlelakwanza emaginxi ekuthuthukiseni nasekusekeleni nasekufukuleni umphakathi," kusho uMphathiswa.

Engeza kulokhu, uveze ukuthi uhlelo beluyingxenye yeDDM, okunhloso yayo ukuhlanganisa sonke isifunda ekubhekaneni nezinselelo ezikhungethe iminxa eminingi kahulumeni. Äsifuni ukubona noma yiliphi ilungu lomphakathu lilala lilambile yingakho kunokungenelela okuningi esikwenzayo njengohulumeni onakelelayo. Futhi sifuna ukubona isiko noma Ubuntu kuvuselelwa lapho kufanele wonke umuntu kufanele akhulume uma umakhelwane wakhe esebunzimeni ngexa yobubha. Sifuna ukubona impila yabantu iguquka iba ngengcono," kwenaba uMhlonishwa.

Njengengxenye yohlelo lukahulumeni olufinyelela kubantu iminyango eminingi kubalwa oWezasekhaya, oWezenhlakahle, oWezolimo Nokuthuthukisa Amakhaya, oWakuhlaliswa Kwabantu, oWezempilo, uSASSA, iNYDA noWamaphoyisa izosebenzisana ukubhekana nezidingo zezakhamuzi.

Abantu babe nethuba lokubhalisela omazisi abasha, izitifiketi zokuzalwa, izicelo zezibonelelo zezingane kanye nemali yempesheni.

"besithole imibiko yokuthi abanye abantu bahamba amabanga amade ukuyofaka izicelo zomazisi nezitifiketi zokuzalwa. Ngeke sikuvumele lokho ukuba kwenzeke kodwa njengohulumeni sizohlinzeka izinsizakalo emiphakathini yethu ukuze kungasetshenziswa imali yezibonelelo kugitshelwa kodwa kuthengwe ukudla ukondla imindeni," kusho uMphathiswa uKhoza.

UMphathiswa uKhoza ubuye wahola umkhankaso ogqishile olwa ndlame ngokobulili eRietvlei Tax Rank lapho ekhuthaze khona abantu ukuba bablekelelane ukulwa nalesi sihlava.

"Kuysijabulisa ukubona ukuthi imindeni iyabanakekela abantu abadala kule ndawo. Sikhathazekile ngemibiko esiyitholayo yokuhlukumeza nokudlwengula abantu abantu abadala. Sinxusa izakhamuzi ukuba zibike izigameko zokudlwengula emaphoyiseni ukuze kuqinisekiswe ukuthi izigilamkhuba ziyaboshwa zigwetshwe," kusho yena.

UMphathiswa u-EC Khoza uthe amacala okudlwengula ngeke axazululwa ngokukhokhelwa kwemindeni yabagilwa.




**Umzuzu wobumnandi obubuhlungu lapho umndeni weSifunda iHarry Gwala uvalelisa omunye umqondisi ophethe uMnu uGqiba.**

# ISifunda sivalelisa uMeneja Obephethe

YIZE waye aziwa ngokuba nenhliziyo encane wayehlala ewenza umsebenzi ngendlela nangesikhathi ukuqinisekisa ukuhlinzeka izinsizakalo kuyenzeka kubantu baseHarry Gwala. Ukuvaleliswa kukaMnu uD.S. Gqiba, obenguMeneja Ophethe Kwezamanzi ugajwe imizwa engxube obekubhalwe ebusweni bakhe ukuthi maduze useyayeka emsebenzini,

Uyeke emsebenzini ekubeni unjiniyela oqavile weSifunda waya emadlelweni aluhlaza emveni kokuba ebephethe ezokusabalalisa amanzi nenhlanzeko ekwaWater Services Authority koMasipala Bendawo abane okunguBuhlebezwe, uMzimkhulu, iDr Nkosazana Dlamini-Zuma neGreater Kokstad.

Ethula inkulumo yosuku uMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZamo Nxumalo uthe yisikhathi sokuvalelisa nokuhalalisa kuMnu uGqiba njengoba ebambe iqhaza elimqoka ekuqinisekiseni ukuthi amanzi nenhlanzeko kuyahlinzekwa emiphakathini yeSifunda iHarry Gwala.

UMeya uNxumalo unomuzwa wokuzidela kaMnu uGqiba owaugcwele ikhono eliyinqaba lokulalela nokuqonda okuningi.

"UGqiba ungumuntu oyisimanga osebenzele uMasipala ngenhlonipho, ngkuzinikela nangentshisekelo. Lokhu kuwukulahlekelwa kuMasipala naKwaZulu-Natal kodwa kumqashi wakhe omusha kuwukuzuza," kusho uMeya uNxumalo enkulumweni yakhe yokuvalelisa.

Ephendula uMnu uGqiba uthe ubengalindele ukuvaleliswa kalolu hlobo kodwa uyabonga kakhulu. Uthe yisikhathi somuzwa wokudabuka kuyena ikakhulukazi ngoba ushiya uMasipala Wesifunda engakaphothuli konke ayezibekele khona ukuthi uzokuzuza ngesikhathi eqala ukuba nguMqondisi Ophethe.

Uthe noma yikuphi abengakufezi wethemba ukuthi isizukulwane esilandelayo siqhubekela lapho ebeke khona futhi siqhubeke siphumelele. Ubonge ubuholi bezombusazwe nabaphathi abaholwa yiMeneja KaMasipala umnu uG. Sineke ngokumseka kwakhe.

Ubuye wabonga izisebenzi zoPhiko Lwamanzi ngokuzibophezela nokuzikela kwazo.

"Kungiphatha kabi impela ukuhamba ngalesi sikhathi lapho bekusekuningi obekudinga ukuba ngikufeze kulesi Sifunda esihle. Kuyadabukisa impela ukuthi ngiyahamba amaphupho ami ngingawafezile," kusho uMnu uGqiba.











**Inxusa leMarathoni Yesifunda iHarry Gwala uBongmusa Mthembu udinga okuningi komasipala mayelana nezinhlinzekelo zezemidlalo kanye nokwesekwa kwazo esifundeni. Ukwethulwa kwesizinda sabezindaba bekwethanyelwe izizinda zabezindaba ezingaphezu kwama-20, izikhulu kanye noMnyango Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko.**

# UKWETHULWA KWEMARATHONI IHARRY GWALA DISTRICT KWABEZINDABA

**Inxusa leMarathoni yeSifunda uBongumusa Mthembu ngeke akuthole ukuthula ngisho esethule uma kungekho sikole noma iziko lezemidlalo kulesi Sifunda...**

MANJE, umnqobi weComrades Marathon izikhathi eziningi, uMthembu usebhekise isinxuso sakhe kusomabhizinisi bendawo ukuba batshale izimali kwezemidlalo ukuze iSifunda esikhiqiza abasubathi abadumile nabadlali abaqavile babe nezinto zokuzilolonga ezanele ukuze kuthuthuke ezemidlalo.

Akazange elokhu embandaza esho ukuthi badinga izikhungo ezithuthukisa ezemidlalo.

"Sinxusa osomabhizinisi bendawo ukuba balekelele imiphakathi yethu ngokutshala imali ngokwakha izikhungo zezemidlalo ngoba iSifunda sethu iHarry Gwala senza kahle kakhulu kwezemidlalo," kusho uMthembu.

Uphakamise lokhu ngesikhathi kwethulwa ngokusenthethweni iMarathoni KaMasipala iHarry Gwala yesishiyagalombili eSoweto Hall eXobho kamuva. UMthembu ubuye wanxusaizikhulu zikaMasipala nsopolitiki ukuba kubekwe eqhulwini izigodi zasemakhaya mayelana nokuthuthukisa ezemidlalo njengoba abasubathi abaningi baqhamuka obhuqwini lwemigwaqo yasemakhaya aseHarry Gwala.

"Ngiyajabula kakhulu ngokuthi iZimeya, aMasekela Zimeya, izimeneja, abaholi bezepolitiki bakhona namhlanje. Ngiyajabula futhi ukuthi abanye babo bazoba yingxenye yomcimbi. Njengomsubathi ozigqajayo ngiqhamuka emakhaya kulo Masipala Wesifunda. Ngibanxusa ukuba basize baqale ukwkha izinsiza zezemidlalo ezisosebenza ukukhulisa izikhungo. Asikwazi ukuziba izindawo zasemakhaya ezinjengo-Underberg, iBulwer, iDonnybrook neXobho, ngoba kunamakhono amaningi kabi lapho. Uma uhamba iNingizimu Afrika, uzothola ukuthi abagijimi abangcono baphuma ezindaweni zasemakhaya, kungani pho singatshali izimali kule miphakathi? Benginabangani abebengihambele ngamanye amaholidi ukuzobona ukuthi ngihlala kuphi kubuye kufikisele amahloni ukungakwazi ngisho ukubatshengisa inkundla yezemidlalo ngoba ayikho. Kodwa lo mncintiswano uletha ithemba ukuthi omasipala kukhona abakwenzayo ukwakha isiko lokuthuthukisa ezemidlalo ezindaweni zethu zasemakhaya," kusho uMthembu.

Uveze ukuthi ubuholi obukhona manje abufanele bukhohlwe ukuthi uMasipala ukhiqize abasubathi abafana noWillie Mtolo (owake wanqoba iNew York Marathon), uThobani Chagwe (owake wanqoba iMandela Marathon) nye luqobo (osenqobe kathathu iComrades Marathon) nabanye.

UChagwe naye uyinxusa lomjaho wakhe. Uncoma uMasipala Wesifunda iHarry Gwala nababambisene nawo ngokuhlala beqinisekisa ukuthi bayawusingatha umcintiswano.

"Lo mncintiswano kufanele uhlala uqhubeka futhi ukhula ngoba abasubathi abasebancane bazokhula ngawo. Kuyathokozisa ukuba yingxenye yomncintiswano endaweni yasekhaya," kusho uChagwe.

UMeya kaMawispala Wesifunda iHarry Gwala uZamo Nxumalo wengeze ngokuthi indawo ihlala ihlanzekile futhi iphephile kubasubathi.

"Isizathu sokuthi kungani abasubathi abaniningi balo lonke izwe bethanda ukuzogijima kumarathoni yethu kungoba bathanda umoya wethu, isimo sezulu nomoya ohlanzekile. Indawo yethu ihalnzekile: umoya ohlanzekile omningi nomgudu wethu uhamba uhamba ezigodini ezinhle ezinokuthula. Sifuna abasubathi bethu babe yingxenye yalo mncintiswano ikakhulukazi intsha," kuphawula uNxumalo.

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ubambisene noMasipala Wendawo uBuhlebezwe, uMasipala Wendawo uMzimkhulu, uMnyango Wezemidlalo Nokungcebeleka, iGenius Athletic Club nabanye ababambiqhaza basebenze ngokuhlanganyela ukuqinisekisa impumelelo yalo mncintiswano.



Izisebenzi ngokoMthetho Wezempilo Nokuphepha Emsebenzini uNombolo 85 we-1993 zidingeka ukuba zihlinzeke indawo ephephile, enempilo futhi engenabungozi, ukuze kusetshenzwe kuyo. Kungalesi sizathu uMasipala Wesifunda iHarry Gwala uzethwese umthwalo wokuhlinzeka ngeZimpahla Zokuzivikela (PPE) zezisebenzi zawo ngokubhekelela ukwakha indawo enempilo nephephile.

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala uqinisekisa ukuthi izisebenzi ezifanelekile zihlinzekwa neZimpahla zokizivikela okuhambisana neZidingo Zempilo Nokuphepha zazo zonke izisebenzi ngokoMthetho Nemitheshwana Yezempilo Nokuphepha Emsebenzini. UMasipala uqinisekisa ukuthi izisebenzi zisebenza endaweni engenabo ubungozi futhi uthatha izinyathelo ukunciphisa ubungozi ngazo zonke izindlela ezikhona futhi uhlinzeke mahhala futhi uhlale unezinto zokusebenza ezihlanzekile nezisesimweni esihle njengoba kunesidingo sokuqinisekisa ukuthi umuntu obe sendaweni engaphephile emsebenzini uhlala ephephile ukuba akwazi ukusebenza kuleyo ndawo ngaphansi kwaleso simo.

